# *UKUVIVINYA IZWI LAKHE*

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje. Baba waseZulwini othandekayo, sinokubonga ukuthi silapha kulobubusuku. Thina, sinokubonga ukuthi siyazi ukuthi uBukhona baKho bulapha nathi. Manje siyakhuleka ukuthi Uzosikhonza ngamunye wethu, njengoba sinokudinga. Sikucela eGameni likaJesu. Amen. (Hlalani phansi.)

2 Kuzwakala kukahle nje ukuba nalama mayikrofoni ephila. Ngidabuke kakhulu ukuthi ukuxovaxova lokho izolo, uMlayezo ebengifuna niwuthole kabi kabi.

3 Futhi bengifuna niqiniseke ukuba nikubone lokho. Yi—yihange esinalo. Asigxilisiwe okwehange yibandla. Sigxilise okwehange kuKristu, niyabo. UyileyoNdlela kuphela. Uyiyona ndawo kuphela yokuphepha, indawo kuphela uNkulunkulu ake abeka iGama laKhe kuyo. NoNkulunkulu wathi Uyohlangana nabantu endaweni Ayikhetha ukubeka iGama laKhe kuyo; hhayi kunoma yiliphi isango, kodwa esangweni Alikhetha. Futhi kuleyondawo Uyohlangana khona nabantu, futhi lapho kuphela. Futhi sithola ukuthi uNkulunkulu akalibeki neze iGama laKhe nomaphi kodwa eNdodaneni yaKhe, uJesu Kristu, njengoba indodana njalo ithatha igama likababa.

4 Futhi manje uthi, "Awu, kusebenzani lokho namhlanje na? Ngamunye uthi, 'NgikuJesu.'"

5 UnguLizwi. Ukuthi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Futhi, kulotshiwe futhi eSambulweni isahluko 19, ngenkathi siMbone eza, uMlobokazi noMyeni, ingubo yaKhe icwiliswe eGazini, "IGama laKhe lalibizwa ngokuthi 'ULizwi kaNkulunkulu.'" UnguLizwi kaNkulunkulu.

6 Futhi, lokho ngukuthi, Ungamandla aphilisayo. UnguMoya oNgcwele yilokho, a—amandla okuhambisa angena kwizihambisi-mshini, amaZwi, aLenza liphile. Futhi konke kuzofanele kusebenze ndawonye, kungenjalo kungeke nje kusebenze. Kuzofanele kuthathe iBhayibheli lonke, uKristu wonke, iVangeli eligcwele.

7 Ngifuna ukusho, kuleliqembu labantu bokusakaza izindaba engilibukele kwitelevishini izolo ebusuku, ngokwazi ukuthi belizobakhona, futhi ngalibukela. Ngifuna ukubaphawula lababazalwane, labo obekuleloqembu lokusakaza izindaba, uphisi wobungcweti obunje pho bokuphendula imibuzo! Futhi ngingumgxeki omkhulu kakhulu, niyazi, empeleni, kodwa bekungekho lutho lokugxekwa lapho. Bekungokoqobo ngoqobo, futhi bengingavumelana nalokho, ngekhulu

lamapesente. [Ibandla liyahalalisa—Umhl.] Ngiyabonga. Amen. Lezozimpendulo ibashaya emhlolweni ngqo. Ngikuthokozele ngempela lokho. Ngifisa kuphela sengathi ngabe benginefilimu ukuyikhombisa ebandleni lami ekhaya. Bekukuhle ngempela.

8 Futhi ngibonga kakhulu ukwazi ukuthi—ukuthi uNkulunkulu usebenze ngokuphumela kwamanye amazinga, ngaphandle kwamaqembu ethu uqobo ePentecostal, futhi angamadoda asimamayo, lezo imbewu kaNkulunkulu, ekade ibekwe phandle lapho yonke leminyaka, ilindele ukuKhanya ukuba kukhanye kuzo.

9 Kanti futhi kusinika isexwayiso, bangane, ukwazi ukuthi uJesu wathi, "Ngenkathi lentombi elele yase iqale ukungena ukuba ithenge amaFutha, lokho kwakungenkathi uMyeni wayengena." Ngakho singabona ngalokho, ngenkathi sibona iEpiscopalian, iPresbyterian, iMethodisti, iBaptisti, iLuthela, engena ukuba athole amaFutha, ngaleyonkathi kwaba yihora uMyeni afika ngalo. Asikukhumbule lokho.

10 Angikaze ngibe noBilly, indodana yami, ukuba asho okunjalo kimi njengoba enzile emizuzwaneni embalwa nje edlule. Uthe, "Babayi, angikutsheli ukuthi yenza ini. Angiqondile ukukuhlaba umxhwele nganoma yini, kodwa," wathi, "babayi, noma ngabe yini oyenzayo, beka sonke isikhathi sakho salabobantu abagulayo." Wathi, "Angikaze ngibabone abantu abaningi kangaka abagulayo!" Wathi, "Nginikezele amakhadi angamakhulu amabili emzuzwaneni nje noma emibili." Wathi, "Kunabantu abaningi kakhulu abagulayo!" Ukwenza ngokuyivelakancane impela ukuba aze angitshele lokho.

11 Futhi manje-ke ngiza kulobubusuku namanothi athize amancane abhalwe phansi lapha, nezinye iziphawulo phezu kokwahlulelwa okuzayo, nokwazi ukuthi sihlezi lapha kulobubusuku nalo impela ulaka lukaNkulunkulu ludluthula phansi kwethu, futhi masinya luzowushaya kanzima. Nokwazi ukuthi ulaka lukaNkulunkulu lulindile; ngomzuzwana nje kuzoshiwo, kuzobe sekuphelile, ezigidini. Nokwazi ukuthi enhliziyweni yami, nokukwazi ukuthi kunjalo! Futhi manje-ke sibona abaningi kakhulu begula, befuzula futhi bedonsa.

12 Ngase ngicabanga, "Kulobubusuku, iningi labo amaKristu." Futhi mangisho kulokhu, nina bantwana bakaNkulunkulu. Noma ngabe nenzani, dedelani yonke enye into ihambe. Khonzani uNkulunkulu, imini nobusuku, ngayo yonke inhliziyo yenu. Nina, ningezwa ukuthi ikhona into ethize engalungile. Ningakusho lapho nehla ngezitaladi, nivele nje . . . futhi noma ngabe niyaphi. Niyazi, uma ningabakamoya; futhi ngiyazi niyibo.

13 Futhi ngangikhuluma endodeni, uMfowethu Stromei. Angazi noma ngabe uTony ulapha, noma qha. Yena, ube . . .

[Umfowethu uthi, “Tony Salameh?”—Umhl.] UTony Salameh, Salameh, Salameh? Qhabo. NginoTony ongesuye. [Umfowethu usho into ethize.] Qhabo, lowo nguTony ongesuye. Lona nguTony wase—wase—waseTucson. Ubani igama lakhe? [Omunye futhi uthi, “Stromei.”] UStromei! Ngiyazi ukuthi nguSalameh, uStromei, noma omunye. Ngithola konke . . .

14 Esitolo sakhe, ngoluny’usuku, kwaba nendoda eyangena, kwakumangaza ngempela, yayisho into ethize eyabuyisa inkumbulo kimi, ngenkathi ngi . . . okokugcina ngise—seNdiya.

15 Lapho, ngicabanga ukuthi iNkosi yasinika isixuku esikhulu kunazo zonke esake saba nazo ngesikhathi esisodwa, kwakuseBombeyi. Asikwazanga ngisho nokuthola izindawo ndawo ukubabeka kuzo, amashumi ezinkulungwane nezinkulungwane zabantu.

16 Futhi ngaphambi nje kokuba sifike lapho, kwakukhona iphephandaba elihunyushiwe. Awu, kwakuyilo, iNdiya iyizwe elikhuluma izilwimi ezimbili, kwaku—kwakuyiphepha lesiNgisi. Lase lithi, “Awu, ukuzamazama komhlaba okuningi kufanele ukuthi sekwedlule, izinyoni zindiza zibuyela ekhaya lazo ezidlekeni zazo.”

17 Izinsuku ezimbalwa ngaphambi kokuba ukuzamazama komhlaba kufike, okwadilizela phansi izintango nezinto. Izinyoni ezincane zizitholela imipheme emadwaleni, bese zakha izidleke zazo; futhi ntambama noma phakathi nemini, nxa ilanga lishisa ngempela, zonke izilwane zima ngakulezozindonga zamadwala, ukuba zingene emthunzini. Futhi okwezinsuku ezimbili, izinyoni zahlala ngaphandle ezihlahleni, zazingezi ezidlekeni zazo; futhi izinsuku ezimbili, izilwane, izimvu nezinkomo, zazingezi ngakhona ntambama, noma zizilazile ngakulezozindonga. Za—zahlala ngaphandle edlelweni futhi zancikana, zenzela umthunzi.

18 Kwathi-ke khona manjalo, ukuzamazama komhlaba, okwazamazamisa nje izindonga futhi kwadilizela phansi izakhiwo. Futhi, niyabo, ukuba lezozinyoni ezincane zazikade ziphakathi lapho, zaziyobhubha. Ukuba izinkomo zazikade zimi phansi kwalo, nezimvu, zaziyobhubha. UNkulunkulu exwayisa imvelo!

19 Izinsuku ezimbalwa ezedlule, ezansi esitolo sikaMfowethu Tony, ngangilalele indoda lapho eyathi . . . Ngenkathi lokhu ukuzamazama komhlaba kwenzeke eAlaska, yayidoba ezansi kulokho esikubiza ngeStony Point, eMexico. Futhi yathi, “Izinyoni zazingadli, nezinhlanzi zazingadli. Kwakukhona into ethize eyayingalungile. Futhi, khona manjalo, ukuzamazama komhlaba kwadedeleka.”

20 Futhi ngoluny’usuku, ngenkathi lokho okukodwa kwenzeka ngapesheya eNdiya, kumbe noma ngabe kwakukuphi, yathi yayidoba futhi. Yacabanga, “Awu, kuyaxaka. Lezozinhlanzi

zidla cishe ngalesisikhathi. Akukho mnyakazo emanzini, akukho-ndawo. Amanzi athule nje du, isikhathi esiphelele sezinhlanzi ukuba zidle, kodwa azidlanga. Futhi zonke izinyoni ngokuvamile ephandle lapho, izinyoni zasogwini lolwandle, zicosha lezizinhlanzi nezinto, zonke zazihambahamba ogwini, ziminyana zodwa. Emizuzwaneni embalwa, izithonjana zolwandle ezisuka phansi ekugcineni ziqala ukuqubuka *kanjalo*, ukuzamazama komhlaba kwakwenzeke ngapheseya kwelinye icala lomhlaba." Niyabo, lezozinhlanzi zazi ukuthi kwakukhona into ethize eyayingalungile, into ethize yayilungiselela ukwenzeka. Lezozinyoni zazazi okufanayo.

21 Ngempela, uma uNkulunkulu enika inhlanzi nenyoni ukubona okufihlakele, Ufanele kangakanani ukunika abantwana baKhe—baKhe! Siyazi ukuthi sisesikhathini sokuphela, nokwahlulela kulindile, ngakho masihloniphe ngokuzithoba ngempela. Balekelani kuNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yenu! "O Kapernawume, wena owaziphakamisela ezulwini, uyokwehliselwa esihogweni," futhi namhlanje lilele ezinzulwini zamanzi amaningi. Khumbulani nje, futhi nikhuleke.

22 Manje, kulobubusuku, ngifuna ukufunda indawo lapha emBhalweni, okwemizuzwana embalwa nje. Sizokhulekela abagulayo. UBilly uthe unikezela inqwatshana yamakhadi omkhuleko. Futhi unikeze amanye izolo, futhi angizange ngifinyelele kunoma yimaphi amanye awo izolo ebusuku. Futhi ngimangele, ngenkathi uMoya oNgcwele ufika... Nje U...Ungeke waWenza usebenze. Kufana nesigwadlulo esincane nje, uzidonsela wena egiyeni. Nguwe owenza lokho kusebenza kukaMoya oNgcwele, hhayi mina. Uzenzela wena lokho. Ngakho mina, izolo ebusuku, ngiqaphele ngisho nasekuboneni okufihlakele, akuzange nje kucoshelane kahle nabantu. Ababonakalanga bethatheka kukho. Ngikutholile, lapha kamuva, kubonakala sengathi, ngaphezulu noma ngaphansi, njengoba nje bengikhuluma, ngibeka izandla phezu kwabagulayo, bayazi.

23 Sifanele siqonde ukuthi phakathi kithi kunikeziwe, thina esikholwa nguJesu Kristu futhi sazalwa nguMoya waKhe futhi sagcwaliswa ngalawomandla aphilisayo, lawomandla aphakathi kini. Ngokubekwa izandla, phezu kwabanye, njengoba kwenza abafundi futhi kwehle njalo ngonyaka, Wona ngokoqobo wabaphilisa abagulayo, wavusa abafileyo, Wakhombisa imibono, iziprofetho. Futhi wona impela uMoya ofanayo owahlala phakathi kwabaphostoli basekuqaleni uhlala ebandleni namhlanje, usebenza zona impela izinto ezifanayo. Futhi ngokukhulu ukushesha esingakuqonda ngakho lokho! Niyabo, akunandaba ukuthi kusebenza kakhulu kangakanani, nifanele nikuqonde lokho futhi nikukholwe lokho. Akuyikwenza nokukodwa okuncu okuhle, nize nikukholwe.

Kodwa ngomzuzwana enikukholwa ngawo, izinkathazo zenu seziphelile. Lokho kuqinisile.

24 Manje asiphenye emBhalweni. Bengihlezi phandle lapho, emizuzwaneni embalwa edlule, ngabhalabhala phansi eminye futhi imiBhalo embalwa, ukushintsha indikimba yami yobusuku. Futhi ngifuna ukufunda eminye eZwini likaNkulunkulu, eNcwadini kaLuka oNgcwele, isahluko 8, ngiqale ngevesi 40. Lalelani manje, ngizofunda kabanzi.

> *Kepha, ekubuyeni kwakhe, uJesu, isixuku samthakazela: ngokuba bonke babembhekile.*

25 Leso bekungeke yini kwaba yisimo esihle sokuziphatha sesixuku kulobubusuku na?

> *Futhi, bheka, kwafika indoda nguJayiru igama layo, ingumphathi wesinagoge: yaziphonsa phansi ngasezinyaweni zikaJesu, yamncenga ukuba angene endlini yayo:*
>
> *Ngokuba yayinendodakazi eyodwa kuphela, kungathi ineminyaka eyishumi nambili, yona isifa. Kepha esahamba izixuku zamminyanisa.*
>
> *Owesifazane owayenomopho iminyaka eyishumi nambili, esekhokhele izinyanga konke aphila ngakho, engenakuphulukiswa-muntu,*
>
> *Weza ngasemuva kwakhe, wathinta umphetho wengubo yakhe: kwanqamuka masinyane ukopha kwegazi lakhe.*
>
> *UJesu wathi, Ngubani ongithintileyo na? Bephika bonke, wathi uPetru nababenaye, Nkosi, izixuku zikuminyanisa zikucindezele, futhi wena uthi, Ngubani ongithintileyo na?*
>
> *. . .uJesu wathi, Ukhona ongithintileyo: ngokuba ngizwile kuphuma amandla kimi.*
>
> *Futhi owesifazane ebona ukuthi kanakufihleka, weza ethuthumela,* waziphonsa *phansi phambi kwakhe, futhi walanda kuye phambi kwabantu bonke isisusa sokuba amthinte, nokuthi usinde kanjani khona lapho.*
>
> *Wayesethi kuye, Ndodakazi, yima isibindi: ukukholwa kwakho kukusindisile; hamba ube-nokuthula.*
>
> Futhi *esakhuluma,* othile wafika *evela kwamphathi wesinagoge, wathi kuye, Indodakazi yakho isifile; ungabe usamkhathaza uMfundisi.*
>
> *Kepha uJesu ekuzwa lokho, wamphendula, wathi, Ungesabi: kholwa kuphela, izakusinda.*
>
> *Futhi ese*fika *endlini, kavumanga ukuba kungene-muntu naye, kuphela uPetru,. . .Jakobe, noJohane, noyise wentombazana nonina.*

> *Futhi babekhala bonke, beyililela:* futhi *wathi, Ningakhali; ayifile, kodwa* isalele.
>
> *Futhi bamhleka usulu, bazi ukuthi ifile.*
>
> Kodwa *yena wabakhipha bonke, wayeseyibamba ngesandla, wamemeza* intombazana, *wathi, Ntombazana, vuka.*
>
> *Futhi wabuyela kuyo umoya wayo, yavuka khona-lapho: wayala ukuba inikwe ukudla.*
>
> *Futhi abazali bayo wethuka: kodwa wabayala ukuba bangatsheli-muntu okwenzekileyo.*

26 Manje asikhuleke. Baba waseZulwini othandekayo, njengoba sifunda leliZwi, siyazi ukuthi lelo yiqiniso. Lokhu kwenzeka. Akusiyo indaba ethize eyinsumansumane ebesingayifunda ephuma mhlawumbe ephephandabeni noma enye incwadi yezinganekwane, kodwa lena iphuma eNcwadini esiyazi iyiZwi likaNkulunkulu. Siyakholwa yenzeka. Siyakholwa ukuthi loJesu owenza lento edumile, izehlakalo ezimbili lapha, esowesifazane onomopho, nomntwana ofile, siyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, uNkulunkulu aYivusa kwabafileyo futhi uYethule kithi, kulobubusuku, kumuntu kaMoya oNgcwele.

27 Futhi siyakholwa ukuthi Ulapha nathi kulobubusuku. Futhi sikholwa ukuthi Nguyena izolo, namuhla, naphakade, izihawu zaKhe zifinyelela kubantu. Futhi njengoba abantu befinyelela kuYe, imiphumela efanayo owanikezwayo ngalolosuku izonikezwa ngalolusuku. Siphe khona futhi, Baba, ukuze sibe nogcobo oluselusha. Njengoba uMfowethu Shakarian ecele ngobukhulu ubuqotho, esikhashaneni esedlule, futhi wacela izethameli ukuba zikholwe, siyacela futhi eGameni likaJesu Kristu. Amen.

28 Ngifuna ukukhuluma okwemizuzwana embalwa nje, nalokho kuzoba nje yimizuzwana embalwa, ngoba ngifuna ukuthola labobantu abanamakhadi omkhuleko phezulu lapha futhi ngibakhulekele. Futhi ngishiya noma yini enye into kodwa nje ngikhulekela abagulayo. Kodwa ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo, sizofanele sifake abantu kulesosimo sokuziphatha. Yisimo sokuziphatha esihlala njalo siletha imiphumela. Yisimo sokuziphatha osithatha ngakuNkulunkulu.

29 Nangu owesifazane owathinta ingubo yaKhe, waphiliswa, enomopho. Ibutho laMkhafulela ebusweni lase limethwesa umqhele wameva ekhanda laKhe, futhi alangezwa-mandla.

30 Ngukusondela kwakho. Isimo sokuziphatha yisona esenzekayo. Futhi yilokho okuyikho kulobubusuku, mngane othandekayo, kuthatha isimo sokuziphatha. Sikhona, futhi siyakholwa ukuthi sikhona, eBukhoneni bukaJesu Kristu, kodwa yisimo sakho sokuziphatha esiletha imiphumela.

Izihambisi-mishini silapha, anjalo namandla okuhambisa. Uma nje ningathola ukuqalisa, uNkulunkulu uzokwenza okusele.

31 Manje, lendaba engifuna ukukhuluma ngayo, okwemizuzwana embalwa, ithi: *Ukuvivinya iZwi laKhe*. Manje leyo yinto enkulu, ukucabanga ngalokho: *Ukuvivinya iZwi laKhe*.

32 Manje uNkulunkulu ukwazi impela nje ukuvivinya iZwi laKhe, kulobubusuku, njengoba Wayelokhu eLivivinya. NeBhayibheli futhi lathi, "Vivinyani konke. Nibambisise okuhle."

33 Manje nizwile, akungabazeki, nisizwile isaga esidala, "Kufakazise, ngizokukholwa." Kodwa lokho akubambeleli kube yiqiniso. Izikhathi eziningi ngibone izinto eziningi zifakaziswa, okwaze kwathi ngokoqobo ngisho nangokwesayense kwafakaziswa, futhi nokho abantu abangakukholwa empeleni.

34 Ngangixoxa nendoda, lapha kungekudala. Sasixoxa ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu. Yathi, "Ngingeke ngakukholwa. Angikhathali ukuthi bekungenzekani, bungakanani ubufakazi bakho obungabukhombisa, ngisalokhu ngingakukholwa." Awu, impela, akunandaba ukuthi ubungake uze uyenzeleni leyondoda, i—ilahlekile. Ingekholwe. Akukholutho kuyo, lokukholwa.

35 Ngisanda nje nokuba ne—nesehlakalo esincane lapha, cishe sekwedlule iviki, njengoba nonke nazi ukuthi ngi—ngiyazingela. Futhi ngenkathi ngibuya ngivela emhlanganweni wami, kade ngizingela amabhubesi. Futhi emva kokuba sengithuthele eArizona, kuhle, ngithanda ukuzingela izinyamazane ezinkulu, futhi ngiyathanda ukuphuma ngibe phakathi kwemvelo futhi ngiyibhekisise.

36 Manje, angisuye umbulali. Ngiyazingela nje. Ngakho, a—angithandi ukubhubhisa izinyamazane, a—angicabangi ukuthi kufanele. Ngicabanga ukuthi kuyisono nje kakhulu ukubulala izinyamazane, uma nje ungayisebenzisi futhi uzoyisebenzisela inhloso, njengoba bekungaba ngukubulala noma yini enye. Ngikholwa ukuthi akulungile. Asifanele senze lokho. UNkulunkulu wasipha yona ukuba ibe ngukudla nokwezinhloso, futhi asifanele siyibhubhise. Kodwa manje umthetho othi ungayithatha, kulungile. Nje ungayimoshi.

37 Futhi mina ezansi lapho, inkathi yonyaka iphumele yonke enye into. Amabhubesi abulala inqwaba yezinkomo. Futhi ngazi inqwaba yabafuyi bemfuyo enhla ezweni. Futhi njalo bathola ukubulala, ngani, babiza mina, uma ibhubesi liba phakathi kwezimvu. Umngani wami othize, ngobunye ubusuku, walahlekelwa cishe amadola angamakhulu angamashumi amathathu-nanhlanu, ngobusuku obubodwa, ngebhubesi elilodwa libulala amawundlu nje. Langena, futhi, kusobala, onke amanye amabhubesi azodingeka akhokhe ngesono salo.

Futhi ngakho ngalithola ibhubesi, futhi ngakho kwakuyibhubesi elikhulukazi, futhi lingamafidi ayisishiyagalolunye ubude, futhi lisinda kusondele entweni ethize embili, ngakho kwaku—kwakuyibhubesi elikhulu elihle.

38 Kwase kuthi-ke ngahamba ngisuka ezweni laseArizona, enhla ukuyongena eUtah, ukuyozingela. Futhi ngakho ngatshelwa ukuthi kwakunabantu enhla lapho, ukuthi indoda engangizozingela nayo, yayingumcuphi wezilwane ezinoboya wakwahulumeni, "Futhi, bakithi, ungaphathi noma yini ngenkolo, ngakuyo." Yathi, "Yayingumfo onesihluku ngempela."

39 Ngase ngithi, awu, ngayitshela indoda engangihamba nayo, ngathi, "Angizukuyiphatha."

40 Yathi, "Ungasho ukuthi 'mshumayeli.' Uma usho, awusoze wathola ukuyozingela. Ingeke ikuthathe." Yathi, "Ngazingela nayo izinsuku ezintathu, futhi ngalala kanye nayo njalo ebusuku, ngidla nayo nsuku zonke, futhi ayizange ngisho ithi, 'Sawubona. Unjani? Kukhona ofuna ukukudla na? Ugeze izitsha.' Lutho!" Yathi, "Manje nje ungasho lutho ngayo."

41 Ngathi, "Angeke ngithi vu." Ngakho angiyitshelanga ukuthi angizukuthandaza, kodwa nje ngaqhubeka ngiyitshela ukuthi ngi . . . Futhi ngiyakhuleka.

42 Ngakho ngenkathi sifika enhla lapho, indoda yayiyisimilo esil'khuni ngempela, futhi ngangingacabangi ukuthi yayikholwa noma yini. Futhi yayisanda kulahlekelwa yingane nje ubusuku obumbalwa ngaphambi kwalokho, ingane ezalwe isifile. Ngakho, sahamba sizingela. Futhi ngosuku lwesibili, indoda engangizingela nayo yayiyitshelile, yathi ngizofanele ngizingele ndawo zonke ukuzungeza izwe. Ngakho ngenkathi omunye umzingeli, owayenami, wayesehambile, sasiphezulu le esiqongweni seziqongo zezintaba; lapho nje esasijahe khona ibhubesi, saze salithola emadwaleni, futhi lalibalekile. Futhi ngakho sasihlezi lapho silinde inja ukuba ibuye. Nalendoda yathi kimi, yathi, "Omunye umzingeli, umngane wakho, ungitshela ukuthi uzofanele uzingele ndawo zonke. Unenqwaba yemali?" Yathi, "Ngiqagele akusiwo umsebenzi wami."

43 Ngase ngithi, "Qhabo," ngathi, "akusiyo inqwaba yemali." Ngathi, "Ngi-ngixhasiwe."

44 Yayisithi, "O, ngiyabona." Yathi, "Awu, ngiqagele akusiwo umsebenzi wami futhi, kodwa," yathi, "ukanye nefemu ekuxhasayo na?"

45 Yayingidlalisa nje ngqo. Ngathembisa ukuthi ngingeke, niyabo. Ngakho ngathi, ya, ngathi, "Qhabo, mnumzane. Ngingumshumayeli, isithunywa senkolo."

Yathi, "Ini?"

46 Ngathi, "Isithunywa senkolo." Futhi yavele yama nje yase ingibuka imizuzwana embalwa.

47 Ngathi, "Unalo ithemba lokuPhila emva kwalokhu na? Liyini ithemba lakho na?"

Yathi, "NgiyiJack Mormon."

Ngase ngithi, "Ini?"

Yathi, "IJack Mormon."

Ngathi, "Hlobo luni lolo na?"

48 Yathi, "Le ethukayo futhi ephuza ikhofi, futhi ebhema osikilidi."

Ngathi, "Awu, ukuvuma okuqotho kuhle emphefumulweni."

49 Kwase kuthi-ke yathi—yathi, "Ngifuna ukukubuza into ethize." Yathi, "Ngitshelwa ukuthi ibandla iMormon yilona kuphela ibandla leqiniso elikhona." Yathi, "Uyakukholwa lokho na?"

50 Ngathi, "Uma sekuza ebandleni, ngiqagele lifana nje nanoma yiliphi elinye lawo. Ngazi iQiniso elilodwa kuphela, nalowo nguJesu Kristu." Ngathi, "Ngiyazi UngoQinisile."

51 "Awu," yathi, "ngaba nengane eyazalwa ngobunye ubusuku, yazalwa isifile." Yathi, "Ngitshelwa ukuthi lengane, ngoba yazalwa isifile, uNkulunkulu akazange aphefumulele umoya wokuphila kuyo, ukuthi angisophinde ngiyibone futhi." Yathi, "Ucabangani ngalokho na?"

52 "Awu," ngathi, "Ungeke njengeJack Mormon, impela ungeke. Yileyonto eyodwa impela, ungeke uyibone inqobo nje uma uhlala uyiJack Mormon." Yayisithi . . . Awu, yayikade ingifuqa, ngakho ngathi ukuyifuqela emuva kancanyana, niyabo. Sasi—sinesikhathi sokufuqela emuva. Ngakho yathi—yathi . . . Ngathi, "Yin'indaba?"

Yathi, "O, angazi." Yayisithi, "Awu, ucabangani na?"

Ngathi, "Ngijwalene nabaningi abakahle . . . "

53 Ngangingazi ukuthi yayiyiMormon. Futhi impela ngangingo . . . Ngiyazi, ngokuba ibe seUtah, mhlawumbe kwakuyiyo, kodwa ngi . . . ngoba iningi labantu enhla lapho bayiMormon, ngaseDolobheni iSalt Lake. Leli kwakungesilo iDolobha iSalt Lake, nokho. Ngakho ngacabanga, "Awu, ngangikade nginabanye abangane abakahle beMormon, bekade besemigqeni yomkhuleko, abantu abakahle."

54 Ngase ngithi, "Ngihlangane namanye indoda ekahle ngempela a—angoMormon." Yayisithi, awu, yathi . . . Ngathi, "Angikwazi ukufundisa kwawo ngalokho, futhi ngingefune ukusho into ethize ephambene nokufundisa kwawo, ngoba yilokho oyikho, futhi ngiyakuhlonipha lokho ngokuphakeme." Ngase ngithi, "Awu, futhi uyakukholwa lokho na?"

Yathi, "Yebo, mnumzane, ngiyakukholwa. Kodwa," yathi, "Angikuphili."

55 Ngathi, "Awu, ngikholwa ukuthi iBhayibheli lifundisa ukuthi uNkulunkulu wayeyazi leyongane, izigidi zeminyaka eyedlula, ngaphambi kokusekelwa kwezwe." Ngathi, "UNkulunkulu watshela uJeremiya, 'Ungakakhulelwa nasesizalweni sikanyoko, ungakaveli nasesiswini, Ngakwazi, ngakungcwelisa, futhi ngakubeka umprofethi ezizweni.'" Ngathi, "Wazi kangako-ke ngakho, uyabo."

Yathi, "Awu," yathi, "ngiyabonga."

56 Yaqala ukwehla igquma. Kwase kuthi-ke yahlangana nalona omunye umfo, yayisithi, "Awungitshelanga ngani ukuthi lowomfokazi ubengumshumayeli?" Futhi ngakho si . . . Yaxoxa kuye kancanyana futhi iqala ukuxoxa ngemihlangano.

57 Manje, amaMormon ayasikholwa isiprofetho. Angi . . . angahle angabibikho lapha, kodwa a—kodwa ayakholelwa e—esiprofethweni. Kodwa, ngakho, mhlawumbe ngixoxa ngaphandle kwesikole, kodwa ngi . . . Ya. Ya. Kodwa, nokho, ayakholwa.

58 Futhi ithi, ibuyela kimi, yathi, "Ngiyaqonda ukuthi ungumprofethi."

59 Ngathi, "Qhabo, mnumzane." Ngathi, "Ngi . . . INkosi ingibonise izinto ezimbalwa ezizokwenzeka."

60 Yayisisubatha, khona manjalo, yathi, "Asingene." Yayisingena emotweni yayo, yase yehlela e . . . idolobha lakubo elincane lapho eyayakhe khona. Emizuzwaneni embalwa, yayisilahlekile. Sasilungisa izinja, ukuthatha okunye ukuzingela ngqo emva kwelantshi. Futhi ngenkathi senza, ngani, yasubatha ngemoto.

61 Emizuzwaneni embalwa, insizwa ebukeka ikahle iyabuya, cishe eneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, umnumzane ohloniphekile ongumKristu wangempela obukeka enobungcwele. Yathi, "Lona ngumfowethu." Yathi, "Akasiyo iJack Mormon. UyiMormon yangempela."

Ngathi, "Sawubona, ndodana?"

62 Yayisithi, "Ngiyaqonda, ukuthi umfowethu uyangitshela, ukuthi ungumprofethi."

63 Ngathi, "Qhabo, mnumzane." Ngathi, "Akusikho ukuthi ngingumprofethi." Ngathi, "INkosi ingibonise izinto ezizofezeka."

64 Yathi, "Nginomjovo engalweni yami khona manje, ngifanele ukuba setafuleni lokuhlinzelwa." Yathi, "Kodwa umfowethu ungitshele lokhu. Ngase ngithi, 'Uma lokho kunjalo, angikudingi ukuhlinzwa.'" Yangibuka ngokuqonde ngqo esweni, okwethembekile, okuqinisile, ukubuka okuqotho, yathi, "Wena beka izandla zakho phezu kwami. Uma lezizinto zinjalo, angizukukudinga ukuhlinzwa." Yaya ekhaya isindile.

65 Lomfowethu, umngane wami ongumKristu, wayezingela nami, wasePhoenix. Wathi kimi, wathi . . . Abanye balababafana bahlezi khona lapha manje. Omunye wabo ngiyazi ulapha ukhona. Saya ekhaya. Wathi, "Mfowethu Branham, uma iNkosi izokubonisa umbono futhi ikuvumele utshele lawomaMormon ukuthi nje kuzokwenzekani, lokho kuzokwenza, ngoba akubhekile."

66 Ngakho, ngakhuleka ngakhuleka. Futhi emgwaqeni wami sengibuyela ekhaya, ngangenyuka, ngoMsombuluko olandelayo, ngeSonto, cishe ngeleshumi nqo, ngangimi ekamelweni, emva kokuphuma kwebandla ngalokho kusa, futhi ngangibuka phandle.

67 Futhi ngabona amalambu abanibanikayo ebanika, noma olunye uhlobo lwelambu libanibanika. Futhi ngabona ibhubesi elalisesihlahleni, futhi—futhi lalilincane kakhulu kimi ukuba ngilidubule. Ngangingakufuni. Futhi kwakukhona omunye futhi owalidubula, futhi, ngenkathi benza, balidubula ngesibhamu esikhulu kakhulu igani. Salisakaza ibhubesi. Angiyithokozelanga i—i—indlela okwenziwa ngayo.

68 Ngenkathi ngenyukela ePhoenix, ngatshela uMfowethu Dawson lokho, noMfowethu Mosley. Ngiyazi ulapha. Ngimbonile ngoluny'usuku, ndawondawo lapha. Futhi wayenyuka nami, yena nomkakhe. Ngase ngithi, "Bhekisisa futhi ubone, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kuzokwenzeka ngaleyondlela."

69 Salinda ubusuku, ubusuku obune noma obuhlanu, sizingelile, noma izinsuku. Kuyivelakancane ukuba uke uxoshe ibhubesi ebusuku. Kwenzeka ukuthi, efika ekhaya, badedela izinja, lomzingeli, lomfana weMormon. Futhi i—ibhubesi lazithela emkhondweni, noma inja yazithela emkhondweni webhubesi, njalo, futhi yalixoshela esihlahleni. Futhi ngeleshumi nqo ebusuku bayafika, basikhipha embhedeni. Saphumela lapho, futhi kwakukhona lelobhubesi elifanayo esihlahleni. Sibanibanekisa amalambu, uMfowethu Mosley walidubula ngombhobho othi awube amashumi amane-nane, wathi awulisakaze ibhubesi lehlukane kabili. Futhi lalilapho, ngayo nje impela indlela okwashiwo ngayo.

70 Ngosuku olulandelayo, ngahlangana nomphathi oyinduna wezinyamazane wombuso, enye iJack Mormon. Wathatha labobafana ndawonye, ebahola babuyele ekhaya kuKristu.

71 Ngiyanitshela, Nguyena izolo, namuhla, naphakade. UNkulunkulu uyalifakazisa iZwi laKhe ukuthi linjalo.

72 Nibezwile abantu bethi, "Ukubona kungukukholwa." Lokho akusilo iqiniso ngakho konke. Abantu abaningi bayabona futhi basalokhu bengakholwa.

73 Izinsuku uJesu ayengazo emhlabeni, abaMqondanga ngani, ukuthi WayeyileloZwi likaNkulunkulu lenziwe labonakaliswa

na? Abaqondanga ngani abantu ukuthi uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi onjengami"? Futhi Wagcwalisa onke amaZwi iBhayibheli elakhuluma ukuthi Uyokwenza, kodwa abakukholwanga.

74 Kodwa uNkulunkulu, kuyo yonke iminyaka, ulifakazisile iZwi laKhe ukuthi liqinisile. Ulifakazisa njalo iZwi laKhe. Manje-ke bayasho ngezinye izikhathi, ukuthi, "Ukubona kungukukholwa." Akunjalo. Kodwa siyazi ukuthi uNkulunkulu uqhubeka ngqo elifakazisa iZwi laKhe kuyo yonke iminyaka.

75 Siyazi ukuthi Walifakazisa kuAdamu noEva, ukuthi ngenkathi Ethi, "Mhla niwudla, ngalowomhla niyofa nokufa." Sizofanele sivume kulokho, ukuthi lelo yiqiniso. Siyakukholwa lokho, ngokuba Ukufakazisile kithi, futhi siyazi ukuthi kuyiqiniso.

76 Manje sizothatha izindawo ezithile nje uNkulunkulu afakazisa iZwi laKhe. Asithathe, isibonelo nje, ngezinsuku zika—zikaNowa. UNkulunkulu wakhuluma kuNowa umlayezo ngempela owawungesiwo owangokwesayense nongakholakali. Akekho owayengakholwa. Lalingakaze line phezu komhlaba. Akukho ngokwesayense!

77 Mhlawumbe babengunyaka omkhulu wesayense ngokuthe xaxa ngaleyonkathi kunoma sinjalo manje, ngoba bakha izivivane namabhubesi amakhulu anekhanda lomuntu aqoshwe ngamatshe, nokunye nokunye, ngalezozinsuku, esingeke sawakha manje. Babenokwazi ngamandla, olunye uhlobo lwamandla ezihambisi-mshini, mhlampe eatomu noma into ethize, ukuthi babekwazi ukuphakamisa lawomatshekazi amakhulu, ebesingekwenze namhlanje. Kodwa benza izinto ezinkulu zesayense. Babenento ethize ababengagqumisa ngayo umzimba, ukuba bawenze ubukeke ngokwemvelo amakhulu eminyaka. Silahlekelwe yilobo bungcweti.

78 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Futhi siyazi ukuthi sesizongena komunye unyaka omkhulu wesayense.

79 Futhi manje umlayezo uNowa ayenawo wawuphambene kakhulu impela nenkolelo yangalolosuku, ebandleni, kanti futhi wawuphambene kakhulu impela nocwaningo lwesayense. Kodwa uNkulunkulu walifakazisa iZwi laKhe ukuthi liyiqiniso. UNkulunkulu wafakazisa ukuthi lokho okwashiwo yilowomprofethi kwakuyiqiniso.

80 Futhi sizothatha omunye okomzuzwana nje. UAbrahama wayengomunye umprofethi weNkosi, eleza kuye iZwi. Futhi lamtshela, ngenkathi wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, noSara wayeneminyaka engamashumi ayisithupha-nesihlanu ubudala, ukuthi wayezoba nomntwana ngoSara. Manje, lokho kwakwethusa ngempela kongakholwayo. Ungathini nje, namhlanje, into enjalo yenzeka

ngisho nakulolusuku, ngazo zonke izinzuzo zethu ngempumelelo zesayense, nazo zonke lezizingane ezizaleka ngokufakwa eshubhini abakhuluma ngazo, nokunye nokunye na? Kodwa lesisalukazi, manje seminyaka engamashumi ayisithupha-nanhlanu ubudala, nekhehla leminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, kodwa iZwi leNkosi leza kuAbrahama futhi lamtshela ukuthi lokhu kwakuzokwenzeka. NoAbrahama wamkholwa uNkulunkulu. Manje, akunandaba ukuthi uNkulunkulu wakhuluma kangakanani, nokuthi kwakuyiqiniso kanjani, uAbrahama wadingeka akukholwe uNkulunkulu akusho, ukukwenza kube njalo. Manje bukani ukuthi leyondoda yahlolwa kanjani, ngobufakazi bayo, ukuthi yakholwa.

81 Leyondoda efanayo eyenza lokhokuvuma, ukuthi yayimkholwa uNkulunkulu, ingumuntu njengoba niyibo, nihlezi lapha kulobubusuku. Sisamkholwa uNkulunkulu. Sifanele sikholwe ukuthi iZwi laKhe liyiQiniso. Futhi Uzokufakazisa, ukuthi LiyiQiniso, uma nje sizokukholwa.

82 Manje bukani isithiyo uAbrahama ayenaso. Into yokuqala kwakungubudala bakhe, iminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, noSara enamashumi ayisithupha-nanhlanu. Wayesedlule kudala ekushintsheni kokuphila, ukunqamuka ukuya esikhathini. Akungabazeki kodwa ukuthi kwanqamuka, iminyaka eminingi ngaphambili. Wayehlale naye njengomfazi. Kwakungudadewabo ingxenye, ekade mhlawumbe emthathe ngenkathi wayeseyintombazane nje ebutshitshini bakhe, futhi wayemshadile. Futhi wayekade engenabo abantwana. Wayeyinyumba uqobo. Futhi manje sithola ukuthi, ukwenza lokhu, wadingeka azehlukanise nabobonke abantu abaningi abangakukholwanga, ukuze akwenze kufezeke.

83 Angiqondile ukuthi ufanele uzehlukanise nabantu abaningi. Kodwa uzofanele uzehlukanise nakho konke ukuhleba kokungakholwa, futhi udede kulokho. Nxa abantu ethi, “A, lezozinto azenzeki! Leso yisigejane sabantu abayizinhlanya! Ayikho into enjengaleyo eyenzekayo,” valani izindlebe zenu nje futhi nisuke nihambe. Ningakunaki ngisho.

84 IBhayibheli lasho ukuthi “UAbrahama akangabazanga ngesithembiso sikaNkulunkulu, ngokungakholwa; kodwa waqina, enika uNkulunkulu udumo.” Igama lakhe laguqulwa ekubeni nguAbrama laba nguAbrahama, ukuguqulwa kwegama kwenza igama lakhe, “uyise wezizwe.” Ungathini nje indoda ihlala nomkayo, isithandwa sayo, eyayihlale naso manje kuyo yonke leminyaka, futhi manje ndawondawo ebudaleni beminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, nomkayo iminyaka engamashumi ayisikhombisa ubudala, futhi nokho engenaye noyedwa umntwana kumbe noma yiliphi ithemba lomntwana, nokho wazisho ukuthi wayengu “yise

wesizwe.” Ungathini nje ukugxeka komfo wakubo odlulayo eyothi, “Yise wezizwe, manje usunabantwana abangaki ngalesisikhathi na?” Nakho konke ukugxeka ayedingeka edlule nakho!

85 Kodwa uAbrahama akangabazanga nomaphi nhlobo, ngokungakholwa. Wakholwa ukuthi uNkulunkulu wayenamandla okwenza lokho Ayekwethembisile, ukuthi uNkulunkulu wayezolifakazisa iZwi laKhe, akunandaba ukuthi kwathatha isikhathi eside kangakanani. Kodwa esikhundleni sokuya ngokuba buthakathaka njalo ngesikhathi, njengoba sithanda ukwenza, waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi. “Uma kungenzekanga namhlanje, kusasa kuzoba yisimangaliso esikhulu ngokuthe xaxa, ngoba sesisidala ngosuku olulodwa.” Lowo kwakunguNkulunkulu, lowo kwakunguNkulunkulu kuAbrahama, ngokuba wayazi ukuthi uNkulunkulu wayewafakazisa onke amaZwi aKhe ukuthi anjalo.

86 Uma abantwana baKhe beyothatha kuphela iZwi laKhe, ukuze Akwazi ukuLifakazisa ngawe! Yileyondlela kuphela Angafakazisa ngayo iZwi laKhe.

87 AkaLifakazisi kwabangakholwayo. Bangeke bafakaziswa; bangabangakholwayo. Kodwa, Aliyi kwabangakholwa. Alisilo elabangakholwayo.

88 Liya kokholwayo. Futhi uma Engathola umuntu othize oyokholwa iZwi laKhe, Uyolifakazisa iZwi laKhe ngawe. Futhi ngezinye izikhathi ukugula nezinto kuyenzeka kithi ngaleyondlela, ukuthi uNkulunkulu angazifakazisa qobo lwaKhe.

89 Niyayikhumbula impumputhe uJesu ayifumanayo na? Bathi, “Ubani owonayo, nguye noma nguyise, unina na?”

90 Wathi, “Kuloludaba, akekho, kodwa ukuze imisebenzi kaNkulunkulu yaziwe.” Niyabo, kwenzeka kumfana ukuze uJesu akhazimuliswe. Ngezinye izikhathi ukugula akusiso isiqalekiso, kuyisibusiso, ukuthi singanamathelisa ukukholwa kwethu phandle lapho futhi sibize lezozinto ezingekho, ngokungathi zazikhona. UNkulunkulu washo njalo, futhi Uyofakazisa ukuthi kunjalo uma nje niyovele ningabi buthakathaka phansi kokuhlolwa.

91 Wakwazi ukufakazisa kuJobe, ngesinye isikhathi, ukuthi wayengezukuMthuka ebusweni baKhe. Bukani ukuvivinywa uJobe edlula kukho. Kodwa phansi kuyo impela imihlathi yokufa, nokho wathi, “INkosi iphile, iNkosi ithathile, malibongwe iGama leNkosi!” Wakukholwa ngempela. UNkulunkulu walifakazisa iZwi laKhe kuJobe. Walifakazisa kuAbrahama. Walifakazisa ukuthi linjalo.

92 Futhi Walifakazisa ngoMose. Futhi ngenkathi uMose, ngenkathi ubunzima babumelene kakhulu naye, uMose

wayenakho emqondweni wakhe, ukuthi mhlampe, ukuba ngumkhululi, ukuthi unina mhlawumbe wayemtshele ukuthi wayezalwe engumntwana omuhle. Wa—wayengumphathi wakhe owamkhulisa esigodlweni sikaFaro, akungabazeki wayemtshelile, "Ndodana, sikhulekile ukuthi siyokhululwa, futhi siyakholwa ukuthi uyilowomntwana uNkulunkulu azomsebenzisa ukukhulula." Kwase kuthi-ke ngenkathi e . . .

93 Niyabo, uyenyuka futhi wayezoba yi—yindodana yendodakazi kaFaro, futhi sithola ukuthi wayezoba yindlalifa esihlalweni sobukhosi. Ngani, akungabazeki kwakusemqondweni wabo ngaleyonkathi, ukuthi wayezoba nguFaro olandelayo, "Futhi wayezobakhulula kanjalo abantu, ngokuba nguFaro olandelayo." Kodwa uNkulunkulu wayekade ene . . . Ukuba lokho kwakube njalo, khona-ke wayeyokwenza ngempahla, nge—e—esenzo sezombusazwe. Kodwa uNkulunkulu akasebenzi njalo kanjalo.

94 UNkulunkulu unezindlela zaKhe uqobo zokusebenza, futhi Wathi Wayezo "bakhipha." Watshela uAbrahama, "Emva kweminyaka engamakhulu amane," Wayezo "bakhipha, ngesandla esinamandla," Wayezo "bonisa izibonakaliso nezimanga." Ngakho akakwazanga ukukwenza kanjalo, ngakho uAbra- . . . Sithola ukuthi uAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi nangu uMose manje emkholwa uNkulunkulu.

95 NoMose wabuka phandle ngewindi elifanayo uFaro enza ngalo, wabona abantu abafanayo. LowoFaro wabuka phandle phezu kwabo, njenga, "Bantu abaqalekisiwe, abantu ababengenalutho kodwa isigejane sobuhlanya, sikaNkulunkulu, nomunye uNkulunkulu wasogwadule ndawondawo ababengazi lutho ngaye; esinye isigxobo esingabonwayo abakhuleka kuso, ukuthi kwakungekho lutho kuso. Bayisigejane sezinhlanya. Futhi babeyisigejane sezigqila. NoNkulunkulu wabo ebayekela babe yizigqila, kwafakazisa ukuthi Wayengesuye uNkulunkulu."

96 Futhi khona impela phakathi kwayo yonke into, Wayevusa yona impela indoda. UNkulunkulu wenza izinto ngezindlela eziyinqaba ngempela, phezulu ngqo phansi kwabo. Hhayi usiyazi wezenkolo, hhayi umfundisi, hhayi umpristi, hhayi eyodwa yamadoda abo angcwele; kodwa indoda ejwayelekile nje, ezalelwe umsebenzi. NoNkulunkulu wayibiza ibe ngumprofethi waKhe, wayeseyithuma ezansi lapho. Futhi ingenalutho esandleni sayo kodwa induku egwegwile, ukubhekana nempi, izinto eziqhutshwa ngemishini ezazinqobe izwe lonke. Kodwa naleyonduku esandleni sakhe, njengoba uNkulunkulu amtshela ukuba abambe leyonduku ngesandla sakhe futhi wayezokhulula uIsrayeli, futhi wehla wayesekwenza ngoba uNkulunkulu wakwethembisa. Uzokwenza kanjani na? "Ngiyakuba nawe."

97 Wathi, “Ngikhombise inkazimulo yaKho, Nkosi. Ngiyadonda ekukhulumeni. Angikwazi ukukhuluma kahle. Futhi ngi . . . ” Wayenezaba eziyisigidi.

98 Kodwa Wathi, “Ngiyakuba nawe.” Futhi yilokho kuphela okwakuthathayo. Wahamba, ethatha iZwi likaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi umsebenzi onqunyiwe wawubonakala unengozi kangakanani, uMose waqhubeka ukuba akholwe nguNkulunkulu. NoNkulunkulu walifakazisa iZwi laKhe, ngoMose, ukuba libe yiqiniso. Ngoba, kungakhathaleki ukuthi kwenzekani, uMose wahlala ngqo neZwi. Ngesikhathi sohambo . . .

99 UNkulunkulu wabatshela, ezansi eGibhithe, futhi, ukuthi Wayezobakhulula, “Baye ezweni elithenjisiwe, izwe elihle, eligcwele ubisi noju.” Futhi lalikhona ngokoqobo. Babengazi ukuthi lalikhona, kodwa Wathi, “Likhona, futhi Ngilinike nina. Selivele lingelenu, hambani nje nilidle!”

100 Futhi ehlane, ngenkathi abaningi babo bephuma, besina eMoyeni, ngenkathi uMiriyamu eshaya isigujana itamborini; bedla imana evela eZulwini; balalela uMose ecula eMoyeni; bebukela izimangaliso nezibonakaliso ziphuma. Kodwa ngenkathi sekufika kwelamanqamu, ukuba balikholwe lonke iZwi likaNkulunkulu, sonke isithembiso, behluleka.

101 Ababili kuphela babo abasikholwayo, lowo kwakunguJoshuwa noKalebi. Futhi babuya nobufakazi obubonakalayo ukuthi izwe lalilihle.

102 Kodwa, izimo kwakuyizo, yilokho okwakuyikho okwabavimbelayo. Ngoba, bathi, “Asinamandla okuthatha lelozwe, ngoba imizi yabo ibiyelwe ngogange, izithunywa zabo—zabo—zabo lapho. Hhayi izithunywa zabo, kodwa abantu babo—babo bayizidlakela ezinkulu. Ngani, sibukeka njengezintethe, ngasohlangothini lwabo.”

103 UJoshuwa noKalebi bathi, “Sinamandla okulidla.” Ngani na? UNkulunkulu wayelinike bona, akunandaba ukuthi iziqhwaga sasisikhulu kangakanani. Isithiyo sasingasho lutho kubo. UNkulunkulu wayesho njalo! NoNkulunkulu wakufakazisa ngabo. Futhi bawela futhi balidla izwe, njengoba uNkulunkulu wayethe babeyokwenza. Walifakazisa kubo.

104 Manje, ngenkathi benyuka ngenyanga kaApreli, ngenkathi amanzi amaningi ayendiza ehla ephuma ezintabeni, phezu kwezinqwaba zamaqhwa, nokunye nokunye, futhi kwakubukeka sengathi uNkulunkulu wayeyinduna engaphusile, ukuhola impi yaKhe yenyukele ngqo endaweni, Wayenabo bexozomelwe ezweni elithenjisiwe. Futhi ngaso impela isikhathi Abawelise ngaso, wayezobawelisa ngaso, kwakuyinyanga embi kunazo zonke onyakeni. Inyanga iJordani elalichichima ngayo izingu zalo, ligijime layothi ngqu emadlelweni. Ngani, uma babezobaweza, kwakuyoba ngesikhathi sasehlobo, ngenkathi

babezogxambuza bawele. Kodwa Walinda amanzi amaningi aze ajula. Uyathanda ukukhombisa ukuthi UnguNkulunkulu. Uyathanda ukufakazisa iZwi laKhe, kungakhathaleki.

105 Angikhathali noma ngabe udokotela wathi, "Ubulawa ngumdlavuza." Yilokho kuphela indoda ekwaziyo. Mhlawumbe amanzi amaningi ajulile kwabanye benu, kulobubusuku. Kodwa, khumbulani, uNkulunkulu wenza isithembiso. UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, futhi uNkulunkulu uyalifakazisa iZwi laKhe. LiyiQiniso.

106 Walinda amanzi amaningi aze aba nodaka, aze ajula futhi aba ngaphezu kwamakhanda abo, nokunye nokunye, kwase kuthi-ke Wayivula nge indlela. Wahamba phambi kwabo futhi wenza indlela.

107 Bazongena kanjani, eJeriko, libe lalivalwe lonke gimbici na? UJoshuwa wayemangala. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemhole kwaze kwaba lapho, isinyathelo esilandelayo singesikaNkulunkulu.

108 Ngoluny'suku, ngenkathi wayephandle ehambahamba, ebuka izindonga, ubone iNdoda imi nenkemba yaYo ihoshiwe. Futhi wahosha inkemba yakhe futhi waya ukuyohlangabezana neNdoda, wathi, "Uvuna bani na? Unathi noma Uvuna isitha sethu na?"

109 Yathi, "NgiyisiKhulu sebandla leNkosi." Futhi Yamtshela ukuthi akenzeni. Uzolibetha kanjani icilongo nodonga luwe phansi, ababekwazi ukugijimisa umdlalo wezinqola zamahhashi kulo na? Kwakuhlangene ngani necilongo na?

110 UNkulunkulu usebenzisa izindlela zokwenza ezilula kanjalo nje. Kunjalo, ubulula bakho, okukwenza uNkulunkulu kimi. Sizama njalo ukuthola enye into ethize enkulu, izokwenza into ethize, noNkulunkulu . . . enye inhlangano enkulu izothatha yonke into bese ikuhlanza kuphume konke. Kanti, uNkulunkulu uthatha umuntu olula, indoda eyodwa nje Angayibamba ngezandla zaKhe, futhi Uyolifakazisa lonke iZwi Alisho, ngaLo. Kuthatha izindlela zokwenza ezincane ezilula kanjalo!

111 "Bethani icilongo." Hhayi ukuthi nigubhe udonga, kodwa, "Bethani icilongo nje, nezindonga zizowa phansi. Ukuqhuma kwecilongo kuyoshaya izindonga ziwe phansi." Kungubuwula kanjani emqondweni wokwenyama! Kodwa uNkulunkulu walifakazisa iZwi laKhe ukuthi laliqinisile, ngokuba izindonga zawa phansi, olunye phezu kolunye. Benyuka ngqo futhi bawudla umuzi.

112 O, uNkulunkulu uyathanda ukuZifakazela ukuthi unguNkulunkulu! UJoshuwa wayekwazi lokho. Ngoluny'usuku, futhi ngenkathi wayemi lapho, enye yezindida ezinkulu kunazo zonke ezake zenzeka, ngaphandle kokufa, ukumbelwa, nokuvuka kukaJesu Kristu. Ngenkathi isitha . . . Wayebaxoshile, nezimpi ezehlukene yayisezintabeni. Wayenazo ezixoshile,

nelanga lalishona. O, he, isikhathi esinje pho esasiyiso eNduneni uJoshuwa!

113 Khumbulani, walwa nalelozwe waqeda, ngaphandle kokuba nesibhedlela, unesi, ibandishi losizo lokuqala, noma waba nendoda elimele. Ngitshele into ethize engehlula lokho. Yebo, mnumzane. Wayengenazo neze izibhedlela, kungekho manesi, futhi akazange alahlekelwe-ndoda, inqobo nje uma babehamba entandweni neZwi leNkosi. UNkulunkulu wafakazisa ukuthi Wayenabo. Kunjalo. Qaphelani manje.

114 Futhi sithola ukuthi uJoshuwa wayazi, uma ubusuku bufika, babeyothi nyelele ngakhona futhi batholane, futhi—futhi bazihlanganise ndawonye bese benza enye impi enkulu, futhi wayezoba nesikhathi esinzima nabo ngosuku olulandelayo. Wayengazi ukuthi enzenjani, ngakho wabheka phezulu kuNkulunkulu. Wayedinga usizo, futhi wayedinga lelolanga ukuba lime lithule. Ngakho wavele nje wayala lelolanga ukuba lime lithule, ne...washo ukuba "inyanga ilenge phezu kweAjaloni," ukuba ingagudluki aze ayiyale. Nenyanga nelanga kwama kwathula amahora angamashumi amabili-nane, ngenkathi uJoshuwa esalwa impi futhi wanqoba isitha, ngoba wayesemgqeni ngqo womsebenzi awumiselwe. Wayenelungelo lokukwenza, ngoba wayelalela umyalelo kaNkulunkulu.

115 Futhi inqobo nje uma usemgqeni womsebenzi owumiselwe, ugcina iZwi likaNkulunkulu, wenza nje lokho Akutshele ukuba ukwenze, umasha ngeziyalelo zikaNkulunkulu, unelungelo lokuba uthi kuleyontaba, "Nqukuleka!"

116 UNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. "Uma uthi kulentaba, 'Nqukuleka,' ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa ukholwe ukuthi lokho okushilo kuzofezeka, ungaba nakho lokho okushilo." UJesu wakusho lokho, kuMarku oNgcwele 11:22. Lelo yiQiniso. Ngiyazi ukuthi lelo yiQiniso. YiZwi likaNkulunkulu, nalokho kuyafakazisa ukuthi yiQiniso. Siyesaba nje ngezinye izikhathi. Sifika endaweni, siyesaba ukuthi Angeke aligcine leloZwi. Uyoligcina leloZwi. Wathi Uyokwenza. Manje, sithola ukuthi lokho kuqinisile. Wakufakazisa.

117 Isiprofetho sikaIsaya, ngesinye isikhathi, okuyinto ethize eyayingakaze yenzeke; ingakaze yenzeke ngaphambili, futhi ayikaze selokhu. Wathi, "Intombi iyakukhulelwa." Ungathini nje owesifazane, ngaphandle kokwazi indoda, abe nomntwana na? UIsaya wathi, "Intombi iyakukhulelwa."

118 NoNkulunkulu wabangela intombi ukuba ikhulelwe, ukufakazisa iZwi laKhe liyiqiniso. Walifakazisa iZwi laKhe, ngoba intombi yakhulelwa futhi yayizala iNdodana.

119 Manje, leloZwi lenziwa inyama, bukani ukuthi Lenzani. Ngenkathi leyoNdodana ivela, YayiyiZwi uqobo lwaYo. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu,

uLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu."

120 YayiyileloZwi eliphilayo. Yafakazisa ukuthi YayiyileloZwi eliphilayo. Yathi kulabobafundisi bangalolosuku, "Ubani ongaNgilahla ngesono na?" *Isono* "ngukungakholwa." "Ubani ongaNgitshela ukuthi Ngingongakholwayo na? Onke amaZwi alotshwe ngaMi, agcwalisekile." Izibikezelo zokugcina eziyisikhombisa zokuphila kwaYo sagcwaliseka ngamahora okugcina ayisikhombisa, esiphambanweni. Yonke into eyayilotshwe ngaYo, yagcwaliseka, ngoba YayiyiZwi. Yafakazisa ukuthi Yayiyiwo, yilo. Yaphilisa abagulayo. Yavusa abafileyo. Yanqoba ukufa, isihogo, nethuna. Yafakazisa ukuthi YayiyiZwi.

121 Qaphelani loludaba lapha endlini kaJayiru. Yayi... Yayibatshele iqiniso. SiyaYibona lapho Iwela ulwandle. Iyangena.

122 Kwakunowesifazane omncane phezulu egqumeni, owayechithe yonke imali yakhe ezinyangeni. Akungabazeki, izinyanga zazenze konke ezazazi ukuthi kwenziwa kanjani, ukusindisa owesifazane; mhlawumbe izinyanga ezingamaHeberu, nalowo kwakungowesifazane ongumHeberu, ngakho zazenze konke ezazingakwenza ngodadewabo. Nakuba, zazingenalutho lokunqamula lomopho, okwakungukuthi, mhlampe, isikhathi sokunqamuka ukuya esikhathini negazi lakhe laligobhoza waze wa...into encane yayibuthakathaka kakhulu kwakul'khuni ukuba ibe isahambahamba. Futhi yayizwile ngoJesu. Futhi ngenkathi ibone isikebhe esincane sifuqeka siyongena emiyezaneni, yehla ukuyothola.

123 Inqwaba yabagxeki baKhe yayimi lapho. Futhi Akakhululekile kubagxeki namuhla. Ukuba babazile ukuthi WayenguBani, babengeke babe abagxeki baKhe. Kodwa babengabagxeki baKhe ngoba babengazi ukuthi WayenguBani.

124 Futhi yileyondlela ngoMlayezo namhlanje, amadoda amaningi kakhulu alungileyo nabesifazane bayawugxeka Lo ngoba abazi ukuthi Uyini.

125 UJesu wathi, "Ukuba benimazi uMose, beniyakuNgazi. UMose wakhuluma ngaMi. Indoda amaningi amakhulu akulangazelela ukubona lolusuku. Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa. Nginobufakazi obukhulu kunobunye," Wathi, "kunalobo bukaJohane, ngokuba imisebenzi eNgiyenzayo, iyafakazisa ukuthi uBaba unaMi." Wayenemisebenzi emikhulu kuneminye, ngoba WayengoKhonjiweyo. UJohane wakhonjwa naye, njengephimbo lomemeza ehlane. Kodwa ngenkathi Efika, Wayengumprofethi uMose ayekhulume ngaye ukuthi wayezovuswa.

126 Njengoba ngasho ngobunye ubusuku, Ufika ngamagama amathathu; igama leNdodana kaNkulunkulu, iNdodana yomuntu, neNdodana kaDavide.

127 Ngenkathi Esemhlabeni lapha, okokuqala, WayeyiNdodana yomuntu. Wayengebe yiNdodana kaNkulunkulu ngaleyonkathi; Akazange azisho ukuthi uyiyo. Wathi Wayeyi "Ndodana yomuntu." Kwakuthi nxa noma ubani eMbuza, Wathi, "Ubona iNdodana yomuntu; iNdodana yomuntu." Manje, "iNdodana yomuntu" ngu*mprofethi*. Wayefanele eze ngaleyondlela, ngoba, umBhalo, Angefike ngokuphambene nomBhalo.

128 Yingakho, namuhla, ukuthi uMlayezo wethu—wethu walelihora ungefike ngosiyazi bezenkolo nesayense yezenkolo, uzofanele ubuyele entweni efanayo owethembisa ukuyenza. Kufanele kube ngaleyondlela.

129 Ngakho siyakuthola lokho, kuleNdoda, Yafanele ibe ngumprofethi. Hhayi iNdodana kaNkulunkulu lapho, Yafanele ibe yiNdodana yomuntu. UJehova qobo lwaKhe wabiza abaprofethi, uJeremiya nabo, "Ndodana yomuntu." "Nxa nibona iNdodana yomuntu . . ." "Ubani iNdodana yomuntu na?" babelokhu bebuza.

130 Manje-ke, Wasebenza isikhundla saKhe njengeNdodana yomuntu. Wase-ke Esebenza isikhundla saKhe manje njengeNdodana kaNkulunkulu. UNkulunkulu unguMoya, futhi ngenkathi manje Wasebenza ngemiNyaka yeBandla, njengeNdodana kaNkulunkulu. Manje, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, Uyoba yiNdodana kaDavide, ngenkathi Ehlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide. Uyoba yindlalifa esihlalweni sobukhosi, INdodana kaDavide. INdodana yomuntu, iNdodana kaNkulunkulu, iNdodana kaDavide, futhi yiNdoda efanayo ngaso sonke isikhathi.

131 NjengoYise nje, iNdodana, noMoya oNgcwele; isikhundla sikaNkulunkulu. WayenguNkulunkulu uYise, wase-ke Eba nguNkulunkulu iNdodana, manje UnguNkulunkulu uMoya oNgcwele. Hhayi oNkulunkulu abathathu; uNkulunkulu oyedwa, ukubonakaliswa okuthathu, izingxenye ezintathu ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu ofanayo.

132 Manje siyathola, nakulelihora manje esiphila kulo, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe ngokufanayo nje njengoba Enza ngaleyonkathi.

133 Sithola ukuthi Uza uwela ulwandle. Lo wesifazane waMkholwa, kwakukhona into ethize phakathi kwakhe iqala ukwakheka. WayengenamBhalo wakho, ungekho umBhalo ongaphezu kwalowo uJoshuwa adingeka amise ilanga, kodwa wakholwa enhliziyweni yakhe ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu. Ngakho wathi, "Uma ngingathinta kuphela ingubo yaKhe, ngizophiliswa." Ngakho wacindezela edabula esixukwini waze wathinta ingubo yaKhe, nomopho wanqamuka.

134 Manje, Wabuka phezu kwezethameli, ukuba athole ukuthi ubani oMthintile. Akungabazeki, kwakukhona othize. Wama.

Bonke abantu beMminyanisa; nabanye behlekisa ngaYe, abanye beMhleka; umpristi emi qekelele futhi eMbuza, nabafundisi basesontweni, nokunye nokunye. Kodwa kwakukhoa abanye abaMkholwayo. Futhi, futhi emva kwesikhashana Wama, khona manjalo, waphenduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?"

135 Abanye babo bathi, "Ngani, Nkosi!" Ngikholwa ukuthi kwakunguPetru wathi, "Ngani, sonke isixuku siyaKuminyanisa. Ngani, ubani oKu 'thintile'? Ngani, wonke umuntu uyaKuthinta!"

136 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi kuphumile amandla kiMi." Waphela amandla. Kwakuluhlobo olwehlukile lokuthinta.

137 Ukuba kuphela besingabona lokho, mfowethu, dade! Uma ungaMthinta ngalokho kuthinta okuthize! O, bantu abagulayo, ngilungiselela ukunikhulekela, emizuzwini embalwa nje. Ngiyakholwa ukuthi nginoMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele ongengaphezu kwalowo eninawo khona khona lapho, lamadoda anawo lapha. UMoya oNgcwele ofanayo, kodwa ngumyalelo kaNkulunkulu; futhi uma nizokukholwa lokho ukuthi kungumyalelo kaNkulunkulu, wokukhulekela abagulayo, nokubeka izandla phezu kwabo, nokukhipha imimoya emibi, nezithembiso Azenzile, kuzoba yinto efanayo ngani. Nizothola enikucelayo, uma ningakukholwa.

"Uyakholwa ukuthi Nginamandla okukwenza lokhu na?" kwasho uJesu.

138 "Ya, Nkosi, ngiyakholwa," kwasho indoda inomntwana onesithuthwane, "ngiyakholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu ebizakuza ezweni." Manje, siyazi ukuthi lokho kungathatha kuphela lesosimo sokuziphatha ukuletha imiphumela.

139 Manje, ngokushesha, asicabange ngaYe umzuzwana, lapha Usemgwaqeni waKhe enyuka. Umpristi omncane wehla, akungabazeki kodwa lowomfo omncane wayeyikholwa elithiyeka emngceleni.

140 Kunamaningi kakhulu awo ezweni namhlanje, amakholwa amancane athiyeka emngceleni. Afuna ukukukholwa Lokho. Afuna ukukholwa ukuthi uMoya oNgcwele ungokhona ngempela. Afuna ukukholwa ukuthi lona ngumnyakazo wabaphostoli, njengoba uNkulunkulu ethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Uyothulula uMoya waKhe. Si. . .lifuna ukukholwa nguMalaki 4, ukuthi Wethembisa, ngezinsuku zokugcina u—ukuKholwa kwephentekoste kwasekuqaleni kuyobuyiselwa emuva e—ebandleni futhi.

141 UMalaki 4 uyakusho. "Bhekani, Ngiyakuthuma kini uElija ngosuku lokugcina," kunjalo, "futhi uyakubuyisela ukuKholwa kwabantwana kubuyele koyise futhi," niyabo, "ukuKholwa

kobaba kuye kubantwana, futhi." Niyabo, kuzofanele kube njalo.

Wena uthi, "Awu, lowo kwakunguJohane umBhaphathizi." Qhabo, qhabo.

142 UJohane umBhaphathizi wayenguMalaki 3. Kunjalo. UMathewu 11 usho njalo, "Uma ningakwemukela, lona nguye okukhulunywa ngaye, 'Bhekani, Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.'" KwakunguElija, impela. UJesu wathi kwakunguye. Kodwa hhayi uElija kaMalaki 4, nhlobo.

143 Ngoba, "Masinya emva kwalowoMlayezo, umhlaba uzoshiswa ngomlilo, nabalungileyo bahambe baphumele phezu kwemilotha yababi." Ngakho akuzange kwenzeke ngesikhathi sikaJohane. Sizofanele sibe noMlayezo oshanela emuva futhi ukhiphe abantu kuzo zonke lezizimo zamahlelo, ubuyele kokwasekuqaleni, ukuKholwa kwephentekoste kwangoqobo. Futhi siyakubona kwenziwa, kungukugcwaliswa komBhalo ozofanele ufezeke. Yonke imiBhalo ifanele igcwaliseke. Kungaki okunye okuningi kwalokho ebesingakusebenzisa, bekungangithatha isikhathi eside kunesikhathi sami esesishayile manje, ukukhombisa. Kodwa niyaziqonda lezizinto, ukuthi kuzofanele kwenzeke impela nje kanje, kubantwana bakaAbrahama, njengoba Ethembisa nje.

144 Sibona uJesu enyuka manje ukuba aphilise intombazanyana. Isizathu, ubaba, ikholwa elincane elithiyeka emngceleni, into ethize ifika endawaneni ukuthi lalifanele limqonde uJesu, ngakho, udokotela wayesemdelile. Futhi lafaka isigqoko salo esincane esimnyama lase lisuka lehla ukuba lithole ukuthi ngabe lalingamthola yini uJesu. Niyabo, Ukhona lapho njalo nxa uMfuna. LaMthola ezongena ogwini nje.

145 Wayesethi, "Woza entombazanyaneni yami, ubeke izandla zaKho phezu kwayo, futhi izosinda." Lathi, "Isilele eduze kokufa. Iyiyona kuphela umntanami." Lathi, "Ineminyaka eyishumi nambili ubudala. Asinabo abanye abantwana. Unkosikazi nami," mhlampe, "sesibadala. Nalo nguyena kuphela umntwana esinaye, futhi uselele eduze kokufa. Nkosi, ngiyaKukholwa. Uma nje Uzoza ubeke izandla zaKho phezu kwakhe, uzosinda."

146 Niyabo, laqondani na? Laqonda ukuthi leloZwi likaNkulunkulu elithenjisiwe labonakaliswa kuleNdoda.

147 Kuyafana nje njengoba uNikodemu athi, "Rabi, mfundisi, siyazi Ungumfundisi wena ovela kuNkulunkulu. Siyakwazi. AbaFarisi bayakwazi." Abakuvumanga ngani na? "Akekho umuntu ongenza izinto Ozenzayo, ngaphandle uma uNkulunkulu ebenaYe. Siyazi ukuthi Uvela kuNkulunkulu."

148 Lapha sithola ukuthi uJayiru wakholwa into efanayo. Wathi, "Woza ubeke isandla saKho." Wayazi ukuthi uNkulunkulu

wayekuYe. "Ubeke izandla zaKho phezu komntanami. Nakuba eseseduze kokufa, uzophila."

149 Wavele wahambisana nalo nje. Futhi ngenkathi lisahamba, nakhu kufika isigijimi sibuya, sase sithi, "NingaMkhathazi, ningabe nisayikhathaza iNkosi. I—intombazane, isifile, isishonile manje. Ayisekho."

150 UJesu waphendukela kuJayiru, wathi, "ANgishongo yini kuwe, 'Uma uyokholwa kuphela, uzobona inkazimulo kaNkulunkulu'? Uma nje uzokukholwa kuphela!"

151 Wangena ekamelweni, futhi babelapho, bonke bedabuka futhi bekhala, futhi belila, njengoba nje noma yibaphi abantu bengenza. Enhle intombazanyana, indodakazi yomelusi, yayifile, futhi yakhishwa kulelizwe. Futhi mhlawumbe kwase kube ngamahora ifile, futhi manje-ke babekade sebeyibeke phandle embhedeni wokuphumulela, futhi yayisilungiselelwa ukugqunyiswa umzimba wayo, mhlampe, futhi ibekwe le, futhi ibe sekumbelweni.

152 Manje-ke sithola ukuthi uJesu wahamba wangena endlini. Bonke babelila. Uthi, "Nikani ukuthula." Wathi, "Ayifile, kodwa ilele."

153 Manje ungathi bacabangani nje na? "Ngani, lendoda siyayazi, manje. Siyaqonda ukuthi Ungumntwana ozalwe ngaphandle komshado. Futhi siyezwa ngokwaKhe, zonke ezezibikezelo zaKhe eziwubudedengu Azenzayo. Futhi manje siyazi ukuthi umpristi uqinisile, 'indoda iyahlanya,' ngokuba siyazi ukuthi ifile. Udokotela uyimemezele ukuthi 'ifile,' futhi nanso ilele. Ayisekho, futhi siyazi ifile." Bathi, baMhleka usulu, ngamany'amazwi, baMenza azizwe ephoxekile, ngokuMgxeka.

154 Kodwa Wayesevele eshilo ukuthi yayingafile. Kuthatha lokho kuphela. "Ilele." Akunandaba ukuthi abagxeki abakangakanani, Uzolifakazisa iZwi laKhe! Wabakhipha bonke endlini, wakhipha bonke abangakholwa bahamba. Wathatha uPetru, uJakobe, noJohane, abakholwayo, ofakazi abathathu, nobaba nomama, wangena wayesebamba indodakazi ngesandla, wayesekhuluma ngolwimi olwabiza umphefumulo wayo wabuya ndawondawo phandle ngaleya ePhakadeni. Nentomazane yaphila.

155 Wenzani na? Walifakazisa iZwi laKhe. Wakufakazisa lokho Akusho. Yayingafile. Yayilele. Manje siyathola, enza lokhu, eqonda, futhi Wafakazisa enye into ethize lapho. Manje Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Wafakazisa ukuthi Wayenokwaziphambili. Bhekisisani ukuthi iZwi laKhe lathini manje. "Ayifile, kodwa ilele." Niyabo, yayingafile, okokuqala nje. Yayilele. Wakhombisa ukwaziphambili kwaKhe. Manje, kungahle ukuba kwakukade kunezininingi izintombi ezincane ezazikade zife ngalokho kusa okufanayo, kodwa

lena yayingafile. Yayilele, njengoba uLazaru wayenjalo. Futhi Wayibiza iphume kulokho kulala, ngoba yayingafile.

156 "Nalowo okholwa yiMi, noma efa, wophila; nophila akholwe yiMi, kasoze afa." Yilabo kuphela abaseNcwadini yokuPhila yeWundlu, Abahlenga ngenkathi Efa, yilowo Ayombiza aphume kulokho kulala, ngalolosuku, labo abaphiliswa ngamandla aKhe, onalawomandla aphilisayo elele kubo. Ngisho nanjengoba ngishilo izolo ebusuku; ngisho emva kokuba uElisha wayesefile, namathambo akhe lalilele ethuneni, lawomandla aphilisayo ayesalokhu esemathanjeni akhe.

157 Impela, Wafakazisa ukuthi WayenguBani. Manje siyathola futhi, kanjalo, Wafakazisa futhi, ukuthi, kumaHeberu isahluko 4 nevesi 12, Wafakazisa ukuthi WayeyiZwi likaNkulunkulu. Impela Wakwenza. Qaphelani ukuthi Wenzani. AmaHeberu, 12, amaHeberu 4:12 kuyasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu linamandla, libukhali kunenkemba esika nhlangothi-zombili, futhi—futhi kanti LaHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Bhekisisani umzuzwana nje manje.

158 Ngenkathi kuqala Eqala inkonzo yaKhe, emva kokuthi Ephuma ukukhombisa ukuthi WayeyiZwi, ngenkathi Ephuma evela ehlane ekulingweni kwaKhe, kwakukhona indoda egama linguPetru, igama lakhe ngaleyonkathi lalinguSimoni. Futhi wafika kuJesu nomfowabo, uAndreya. Futhi wathi nje angenyukela eBukhoneni bukaJesu Kristu, uJesu wathi, "Igama lakho unguSimoni. Nelikayihlo lalinguJonase. Emva kwalokhu uzakubizwa ngoPetru." Lokho kwafakazisa ukuthi WayeyiZwi, ngoba iZwi laHlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. WayeyiZwi.

159 UFiliphu ukubonile lokhu kwenzeka. Wasubatha wajikeleza intaba, wayehambe usuku, futhi uyabuya. Futhi weza kanye naye umngane ogama linguNatanayeli. Wayesethi, "Lezizinto zenzeka ngempela. UMose wathi 'iNkosi uNkulunkulu wethu iyakuvusa umProfethi' onjengaye, futhi nansi iNdoda inguye. Ngani, Watshela uSimoni ukuthi wayengubani, ngisho nokuthi wayengubani uyise, futhi siyazi ukuthi Akushoyo kuyiqiniso. Ngoba, uNkulunkulu wakusho eZwini, futhi nakhu kuyafakaziswa ukuthi Wayezokwenza lokho, nalokho kufakazisa ukuthi lowo nguMesiya."

160 Futhi ngenkathi enyukela eBukhoneni baKhe, uJesu wathi kuye, wathi, "Bheka umIsrayeli, okungekho-nkohliso kuye."

161 Wathi, "Rabi, Ungaze nini na?"

162 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi uphansi komuthi, Ngakubona." Walifakazisa iZwi laKhe. Walifakazisa iZwi likaNkulunkulu. Wakwenza.

163 Owesifazane emthonjeni, ngenkathi wayekade. . . Awu, Wamcela ukuba aMuphe amanzi okuphuza ngesitsha samanzi ayekha ngaso amanzi emthonjeni, wayesethi, "Akusilo isiko

kini maJuda ukucela thina besifazane baseSamariya into enje njengaleyo, ngoba asidlelani."

164 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi."

Wathi, "Umthombo ujulile."

165 Nengxoxo, lapho iqhubeka, ekugcineni Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Wayesethi, "Hamba ulande indoda yakho, bese uza lapha."

Wathi, "Anginandoda."

166 Wathi, "Usho iqiniso, ngokuba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho."

167 "Ngani," wathi, "nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena." U . . . "Besingenaye oyedwa iminyaka engamakhulu amane, uyazi." Wathi, "Ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, othiwa uKristu, nxa Efika, Uyositshela lezi uhlobo lwezinto. Leso kuyoba yisibonakaliso saKhe."

168 Ngenkathi Ethi, "NginguYe okhuluma nawe," Walifakazisa iZwi laKhe. U . . . siyakufakazisa lokho Azisho ukuthi uyikho. WayenguMesiya, iNdodana kaNkulunkulu.

169 Manje siyathola, futhi, ukuthi lona wesifazane omncane owayenalomopho, owathinta ingubo yaKhe, lokho kwafakazisa futhi kuye ukuthi WayeyiZwi likaNkulunkulu.

170 Manje khumbulani, kulobubusuku, uJesu wathi . . . Futhi, kumaHeberu, 1, amaHeberu isahluko 3, ngikholwa ukuthi yiwo, Washo ukuthi, "Yena manje ungumPristi oMkhulu," lonyaka esiphila kuwo manje, "umPristi oMkhulu ehlezi kwesobuKhosi sikaNkulunkulu, emaZulwini, onokuzwelana nobuthakathaka bethu."

171 AmaHeberu 13:8 athi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." UnguNkulunkulu ofanayo Ayenguye ngaleyonkathi. Uyafana kulobubusuku.

172 UJohane oNgcwele 14:12, Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza. Ngisho neminingi kunalo uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi." Niyabo? "Okholwa yiMi, lemisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza."

173 KuMathewu 28, Wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani kuze kube ngisho nasekupheleni kwezwe."

174 UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Umi, kulobubusuku, ukufakazisa iZwi laKhe. (Isikhathi sami sesihambile.) Kodwa Wafakazisa ukuthi Wayengakwenza. Walifakazisa iZwi laKhe ngaleyonkathi, Ayekade ekwethembisele lolosuku. Wawafakazisa amazwi kaIsaya.

Wawafakazisa amazwi kaNowa. Wawafakazisa amazwi kaMose. Wawafakazisa onke amazwi abaprofethi.

175 Wethembisa ukuthi ngalolusuku, usuku esiphila kulo, ukuthi izwe liyoba sesimweni saseSodoma, ongqingili. Kubukeni nje ezweni namhlanje, ezweni lonke jikelele lapho engihamba khona; akusikho lapha kuphela, ndawo zonke. Kubucayi. ESwidi, izinsizwa nezintombi zihamba zishushuluza ngeplangwe, zinqunile. Futhi zona eJalimane naseFransi, nandawo zonke ezinye, sekuthi nje ukuba wuhlobo lwamafuhlufuhlu esinawo lapha eUnited States. Ngunyaka. Mina, uma ngithola ithuba lokuba ngike ngibuye, ngingathanda ukukhuluma ngezinye zezinto zeziprofetho, kini, ukunikhombisa lokho, unyaka esiphila kuwo. IBhayibheli lasho ukuthi, "Abantwana bayobusa abazali babo."

176 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . Zwi.

177 Kodwa, khumbulani, uAbrahama wayenenzalo, okwabe kuyinzalo uIsaka. Wayenezinye izinzalo emva kokufa kukaSara. Futhi wayeneminyaka eyikhulu namashumi amane-nanhlanu ubudala, washada nomunye wesifazane, wayenamadodana ayisikhombisa ngaphandle kwamadodakazi, ngoba uNkulunkulu wayemphendule wabuyela ekubeni ngowesilisa osemusha ngenkathi wayeneminyaka eyikhulu ubudala. Waphinda ngaleyonkathi waba nje namashumi amane-nanhlanu, ngakho ngaleyonkathi u . . . Siyakwazi lokho. Ngikushumayelile lokho kini lapha eCalifornia, iminyaka eyadlula.

178 Futhi manje siyaqonda ukuthi iNzalo kaAbrahama yayingesiyo inzalo yangempela yocansi ngoSara, eyayinguIsaka, eyenza isizwe, kodwa iNzalo yobukhosi yayingesithembiso, okwabe kunguJesu Kristu. NangaleyoNzalo, Wavusa iNzalo yobukhosi. O, he! Manje singubupristi obobukhosi, isizwe sobukhosi, isizwe esingcwele, sinikela izindumiso kuNkulunkulu, umhlatshelo wezindebe zethu unikeza udumo eGameni laKhe. UNkulunkulu walifakazisa iZwi laKhe, Wathulula uMoya oNgcwele phezu kwethu.

179 Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ngosuku lapho iNdodana yomuntu iyobe yembulwa khona." Manje niqaphelile na? Kusukela eNdodaneni kaNkulunkulu, ngaphambi nje kokuba Ibe yiNdodana kaDavide, IyaZembula futhi njengeNdodana yomuntu. Niwuqaphelile umBhalo na?

180 Ngokuba, Ikwenza njalo, Ayenzi lutho ngaphandle uma Ikwazisa ezincekwini zaYo abaprofethi. Kunjalo impela. Yilokho isithembiso saYo esasiyikho. Niyabo? Ayenzi lutho . . . UNkulunkulu angeqambe amanga. Ukwembula njalo, kuqala, ngaphambi kokuba Akwenze.

181 Bukani isimo esihlezi kuso namuhla. Bukani lapho esikhona. Nonke nizovuma ukuthi siseSodoma lesimanje. Niyazi lelizwe lisengxakini kukho. Bangaleya kwamathemba. Akusekho nsindiso esalele lesisizwe kumbe asikho esinye isizwe. Sesingaleya kwalokho manje. Iziprofetho esiprofethiwe ngalokhu, sigcwalisekile. UNkulunkulu uyakhothoza, ethola leyomvu encane yokugcina noma ngabe ikuphi. Yonke izoba phakathi, ngosuku olulodwa. Sisesikhathini sokuphela. Bukani, ngokwendawo eyiyonayona.

182 Ngiyanibuza, njengomfowethu nje noma udade, ukuba nakhe nje omunye futhi umzuzwana wokukholwa ngaphambi kokuba sikhulekele lababantu. Futhi ngiyazi asidingi ukuba sihambe esinye isikhathi esithize esingekho. Kodwa ngi—ngi—ngifuna ukuqala umugqa womkhuleko, bese-ke nina enizodingeka nihambe ningahamba-ke. Niyabo? Nina enifuna ukuhlala emgqeni womkhuleko ningahlala. Kodwa ake ngithi nje, njengomfowenu nje, nje ngikhombe into ethize kini umzuzwana.

183 Bhekisisani uJesu, kuLuka 17:30, niyabo, ngenkathi Wayesho lapho ngesikhathi sokuphela, ukuthi bayoba kanjani njengasemihleni kaNowa. Wayesethi-ke, "Futhi njenga, kanjalo, ngemihla yaseSodoma," wathi, "ngenkathi iNdodana yomuntu yembulwa." INdodana yomuntu futhi, hhayi iNdodana kaNkulunkulu. "INdodana yomuntu," niyabo, lokho kungenisa uMalaki 4 futhi, ubuya ngokuqonde ngqo. Zonke lezi ezinye iziprofetho zingena ngqo, ukuthi kufanele ukwenziwa kanjani. Uyalifakazisa iZwi laKhe ukuthi linjalo. Kunjalo.

184 Futhi qaphelani, ekwenzeni kanjalo, Uzowuthulula kanjani uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama, nokuthi yini ezokwenzeka, ukuthi ukubuyisela kuzobuya kanjani. "Namadodana enu namadodakazi ayakuprofetha. Phezu kwezincekukazi zaMi nezincekukazi eziyizisebenzi Ngiyakuthulula okoMoya waMi. Futhi Ngiyakubonisa izibonakaliso emazulwini phezulu."

185 Nginesithombe lapha, sikaMfowethu Lee Vayle lapha. Ngithanda ukunibonisa nje ukuthi kwenzekeni phezulu entabeni, ngoluny'usuku, ngenkathi bonke abantwanyana besikole bekhishwa, ngaphambi nje kwalendaba enkulu yokuvulwa, lezoziMpawu eziyisiKhombisa. Ngenkathi abantwanyana besikole bekhishwa, ngangiphezulu phakathi lapho ngikhuleka, lapha kwakunguMlilo ngefonela nje uza wehla, bese-ke ubuyela emuva wenyuke futhi uqhuma, bese ujika futhi ubuye wehle futhi. Yilokho Asho ukuba ngihambe ngikutshele abantu. Si. . . NaNso, lapho izikole zaseTucson. . . nalapho Owenyukela khona emoyeni.

186 Nesayense yathatha izithombe, nokunye nokunye, futhi yabuza ngaWo. Bathi, "UKuphi na? Kwenzekeni na?"

Abakuqondi, niyabo. O, akwenziwa ekhoneni, kuphela unembeza owenziwe-mnyama. Akuzange . . . uJesu, ngenkathi Elapha, kwakunezigidi zabantu ezingazange zazi ukuthi Wayesemhlabeni. Ya. Kuzoba nezigidi namuhla ezingeke zaqonda, amashumi ezigidi zabo.

187 Kodwa kuzobakhona, kulabo OKuthunyelwe kubo, bazoqonda. "Abahlakaniphile bayakumazi uNkulunkulu wabo ngalolosuku, futhi bayokwenza okukhulu." Siyakuqonda lokho, ihora manje esiliphilayo.

188 Bukani iSodoma manje, bukani ukuthi kwenzekani. Wathi, "Njengokuba kwenzeka emihleni yaseSodoma." Kwakuneqembu labantu elalibheke indodana ethenjisiwe. Siyakukholwa lokho. Lowo kwakunguAbrahama neqembu lakhe. Kwakunesigejane esiluvivi, uLoti, ehlubuke uhhafu, nokho engokholwayo; ezansi eSodoma. Izigaba ezintathu zabantu.

189 Njalo kunalezozigaba ezintathu. UHamu, uShemi, abantu bakaJafete. Futhi, abakholwayo, abazenzisi, nabangakholwa. Bandawo zonke, futhi si—sibathola kuwo onke amaqembu. Futhi, ndawo zonke, niyabathola. Nalelo amaqembu lisekhona. Nizofanele nikwehlukanise lokho. Ningakuthatha nikuhambise njalo ngomBhalo, kuzihlanganela khona nje ngqo phakathi okwesisila sejuba.

190 Lalelani lokhu. Bukani lapho esihlezi khona, ngendawo eyiyonayona nangokobuprofethi, kulobubusuku. Manje, sonke siyazi ukuthi izwe lisesimweni saseSodoma.

191 Sazi zonke iziprofetho zikaIsrayeli, usezweni lakhe lendabuko. Uma nifuna ukwazi ngokukazwelonke lapho esimi khona, bhekisisani uIsrayeli, lapho kukhona.

192 Uma nifuna ukwazi ukuthi ibandla likusiphi isimo, bhekisisani indlela abesifazane abenza ngayo. Uyibandla. Niyambona, ukungabi nasimilo, ukungabi qotho; bhekisisani, bukani lapho ibandla elikhona. Libhekisiseni nje, niyabo, niyabo, bhekisisani abesifazane nje. Niyabona ukuthi kuphi, ukuthi abesifazane benu bazehlisa kanjani isithunzi futhi babe ngabonakele kakhulu, yileyondlela ibandla lenu eliyiyo, niyabo, isifanekiso.

193 Bhekisisani lapho uIsrayeli ekhona, nibona isimo sesikhathi lapho esikhona thina. Niyabo, nje bhekisisani lezozibonakaliso nezimanga. Uma nina—uma nina, noma uma amehlo enu livulekile, bonani ukuthi sikuphi.

194 Manje bhekisisani ngokwendawo eyiyonayona lapho esibekeke khona, izwe lisesimweni saseSodoma. Manje qaphelani, "njengokuba kwenzeka." Manje qaphelani, kwakunomuntu othize, ngalolosuku, ebheke indodana ezayo ethenjisiwe. UAbrahama noSara, babebheke indodana ethenjisiwe eqenjini likaAbrahama. Babengekho eSodoma.

Kodwa ngomzuzwana nje, isahluko sokugcina sesehlakalo, ngaphambi nje kokuba indodana ethenjisiwe ifike, kwakunendoda amathathu ehla evela eZulwini, iNgelosi . . . iziNgelosi ezimbili noNkulunkulu. Futhi zehla futhi zakhuluma noAbrahama, phansi kom-oki. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Nezimbili zazo zehlela eSodoma futhi zamemeza zimelene nezono zomuzi. Futhi kwakungaphambi nje kokushiswa kwezwe labeZizwe, ngalesosikhathi. Lonke iSodoma labhubha ngayo leyonkathi. Ingcosana nje eyadonswa yakhishwa, uLoti namadodakazi akhe amabili. Umkakhe akazange ngisho aphumelele; waphendukela emuva. Bengingathanda kanjani nje ukuba ngibe nesikhathi ukunibonisa lokho khona manje, lapho lelobandla elimi khona kuleyondawo eyiyonayona. Ngifuna niqaphele manje.

195 NeNdoda eyodwa yasala ngemuva, eyakhuluma kuAbrahama, futhi Yenze isibonakaliso kuAbrahama. Futhi, bhekisisani, uAbrahama wayembonile uNkulunkulu ngezibonakaliso ezinkulu eziningi. Siyakukholwa lokho, asinjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngaphambi nje kwendodana ezayo. Kodwa ngaphambi kokuba indodana ibonakaliswe, kwaba nesibonakaliso asinikezwayo.

196 Ngoba, iNdodana, iNdodana yangempela, yayizoba yiNdodana kaNkulunkulu, ngokukholwa kukaAbrahama, niyabo, kwakunguJesu. Thina siyinzalo kaAbrahama, esifile kuKristu, siyinzalo kaAbrahama.

197 Qaphelani manje ngaphambi nje kwalokho kwenzekile, lendodana ukuba ifike. Manje, Lena eyahlala futhi yakhuluma kuAbrahama, Yayifulathele ithende, futhi Yathi, "Abrahama." Manje, usuku nje ngaphambi kwalokho, wayenguAbrama. Manje Yathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" hhayi uSarayi, S-a-r-a-y-i. S-a-r-a, inkosazana. "Uphi umkakho, uSara na?"

Wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

198 Yathi, "Ngizokuvakashela, uyabo, ngokwesithembiso saMi eNgakwenzela sona." Ngamany'amazwi, "Isikhathi sokuphila, uSara uzoqala esikhathini sakhe sokuphila esijwayelekile futhi."

199 NoSara, esemdala, iminyaka eyikhulu ubudala manje, ethendeni, wahlekela ngaphakathi. Niyabo, wahlekela kuye, wathi, "Ibingaba kanjani ngeqinisileyo leyoNdoda na? Uyabo, mina owesifazane osemdala, inkosi yami uAbrahama ephandle lapho, naye esemdala, eyomndeni seyaphela iminyaka." Wathi, "Ngingaze ngibe kanjani nenjabulo futhi nenkosi yami na? Yona isindala, nami ngimdala, sengedlule ekuzaleni, imithambo yobisi ingasekho, konke . . . 'Usomile.' Besingake sibe kanjani nenjabulo futhi na?"

200 NaleyoNdoda, Ifulathele ithende, yathi, “Uhlekeleni uSara, ethi, ‘Zingaba kanjani lezizinto na?’” Kwakuyini lokho na? Ukubona okufihlakele, okobuprofethi! Niyabo? Niyabo? Yilokho akubonile.

201 Manje Yathi, “Lokho kobuya futhi, neNdodana yomuntu,” leyo okwakuyiyo, leyo kwakuyiNdodana yomuntu khona lapho. Awu, waYibiza ngoElohim, “Nkosi Nkulunkulu.” UElohim, noma ubani uyazi ukuthi kunjalo, uElohim yiNkosi uNkulunkulu. “Ekuqaleni uElohim wadala amazulu nomhlaba,” Onele konke. INdodana yomuntu yenziwa inyama, nanso Yayimi lapho enyameni ngalesosikhathi, njengomzimba-moya, imi lapho isho okufihlakele uSara ayekusho ethendeni emva kwaYo. Yethembisa. Bhekisisani. INzalo yobuKhosi kaAbrahama yethenjiswa ukubona leyonto efanayo.

202 Kodwa qaphelani uLoti, wayenesithunywa ezansi lapho, naye, ezimbili zazo zehlela lapho. Esinye sazo sehla, nesinye sehla naso, futhi zashumayela futhi zabiza abantu ukuba babalekele ulaka olwaluzokuza.

203 Ngokwendawo eyinonayona, izwe alikaze lihlale kulowomumo, kusukela ngalolosuku uJesu enza ngalo isithembiso, kuze kube khona manje. Ngifuna ukubuza noma yimuphi usomlando ongahle abe sesakhiweni, noma uma nike nizwe ngisho kuleteyipu, futhi niyizwe noma ngasiphi isikhathi, ngisizeni ningibhalele. Ngiwutadishile umlando manje iminyaka engamashumi amathathu, umlando weBhayibheli, futhi akaze abekhona umuntu engike ngambona kuwo wonke umlando webandla, eminyakeni yebandla eyisikhombisa. Ukuthi manje siseLawodikeya, futhi siyakwazi lokho.

204 Asikaze sibekhona isithunywa, esake saya ebandleni jikelele, negama laso ligcina ngo h-a-m, kuze kwaba manje. G-r-a-h-a-m, Billy Graham. Kube noMoody, Finney, Sankey, Knox, Luther, nokunye nokunye, kodwa neze u h-a-m, “ubaba ezizweni.” Manje khumbulani, ungu G-r-a-h-a-m, izinhlamvu eziyisithupha. Kodwa uA-b-r-a-h-a-ma yizinhlamvu eziyisikhombisa. Qaphelani, zisezansi lapho, uBilly Graham, eyongena ku—kuzozonke izingxenye zezwe, futhi ebizela ngaphandle kweSodoma, “Phumani, nibalekele ulaka oluzayo.” Akukho-ndoda engazi ngayo, ensimini, enokubamba kukaNkulunkulu, kulelozwi lokulungisiswa, njengoba kwenza uBilly Graham. Angalethula. Akasuye nje usiyazi wezenkolo kangako. . . Ngiqagele ungusiyazi wezenkolo, kodwa akasuye umfundisi onamandla kangako. Kodwa uNkulunkulu unaye. Leyondoda iyoma lapho inokunjengesifundo sikaSonto sikole, ibambe labobantu bashaqeke. Iyinceku kaNkulunkulu yehora. Kubani na? Ibandla lemvelo, eliseSodoma.

205 Kodwa khumbulani, kwakunebandla elilodwa lokomoya, elalingekho kuleyothimu yehlelo, nalo. Iqembu

elibizelwe ngaphandle, futhi bemukela umlayezo, nabo, nesithunywa. Futhi kwakuyini na? Ukwehlulela imicabango owawusenhliziyweni. UNkulunkulu njalo uyalifakazisa iZwi laKhe.

206 Asikhuleke. Baba waseZulwini othandekayo, lomzuzwana obucayi, lapho izinqumo zifanele zenziwe, isikhathi sishaya siyedlula, asazi ukuthi hora lini iNkosi yethu engafika ngalo. Futhi njengoba sibona leziziprofetho esenziwe yiYo, ngabaprofethi baKho ezansi kusukela eminyakeni, manje kuyasonjululwa. O Nkulunkulu, ngiKubonga kanjani ngalokhu, indoda enokwazi ngisho ukuzifaka emzimbeni womuntu, indoda enokwazi kwe—kwezesayense yezenkolo, engasukuma imelane nobuqili bezwe nabangakholwayo, nakulamaqembu abantu bokusakaza izindaba, futhi ngaleya kwethunzi lokungabaza ima lapho futhi ibe nesibindi nobuqhawe, azi ukuthi ami kuphi futhi afakazise ukuthi leloZwi liqinisile, ngemiBhalo. Bese kuthi-ke thina esilindele ukuFika kwaKho, Nkosi, sikholwa lezi ezinye izinto eprofethiwe ukuthi iyokwenzeka, ukuma nokujabulela ukubona Wena uhamba ngqo phakathi kwethu futhi wenza yona impela into Owathi iyofezeka, ufakazisa iZwi laKho ukuthi liqinisile. Nkulunkulu oPhakade, abantwana baKho abagulayo bahlezi lapha.

207 Angazi ukuthi esinye isikhathi esingakanani futhi esizofanele sisebenze ngaso. Ilanga lakusihlwa seliyashona. Kodwa Wethembisa, kumprofethi, “Kuyakuba ngukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa.” Futhi sibona ilanga elifanayo liphuma empumalanga, yilo elishona entshonalanga. Impucuko ihambisane nelanga futhi manje sisoGwini lwaseNtshonalanga, neVangeli lahambisana nempucuko. Manje, Baba, siyazi lokhu ngukuphela kweVangeli, ukuphela kwesikhathi, ukuphela konyaka. Lifiphalela ePhakadeni. Kodwa Wethembisa ukuthi iNdodana iyophuma, iNdodana yomuntu iyokwambulwa. Ngezinsuku zokugcina, lokhu kuyokwenzeka. IziNkanyiso zakusihlwa sezifikile, Baba. SiyaKubonga ngalokho. Futhi ngokuthobe njengoba kunjalo, nokho Ukwenza ngokulula kakhulu, izikhathi eziningi, ukuthi kuhamba kweqe ngaleya phezu kwabakhulu, abathiwa yizincithabuchopho ezijulile, futhi ukwembula ezinganeni zona eziyofunda.

208 Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzokwenza kube njalo, kulobubusuku, ukuthi abantwana baKho bandla abagulayo lapha bazobona isithembiso sikaNkulunkulu, futhi ngamunye wabo bazophiliswa, futhi baphume lapha, kusasa, nemizimba eqinile emisha, futhi babuye basinde. Siphe khona, Nkosi, ukuze bezokwazi ukuthatha uMlayezo usuke komunye uye komunye, kuze kuthi lowo wokugcina abe semhlambini, bese kuthi-ke iminyango iyovalwa. Sisize, Nkulunkulu othandekayo. NgiyaKucela, kulobubusuku, ebusweni bakho konke lokhu, uma Uzothi nje kanye futhi, Baba, wenzele mina.

209 Kwa—kwabonakala sengathi, ngobunye ubusuku, abantu abazange bakuqaphele kakhulu. Kodwa, ngiyakhuleka, makwenzeke futhi kulobubusuku, Nkosi. Isizathu, sengeqe isikhathi sami engisabelwe ukuba ngikhulume, kodwa angazi ukuthi yisikhathi eside kangakanani esizodingeka senze ngaso lokhu. Ngakho, ngiyakhuleka, Baba, Uzongizwa na? Futhi uzwe umkhuleko walaba besilisa abamesabayo uNkulunkulu nabesifazane ohlezi lapha kulobubusuku, ogcwaliswe ngoMoya waKho. Bangabakholwayo, Nkosi, Ungasebenza nje phakathi kwabo. Futhi si . . . Ngikhulekela ukuthi Uzoliqinisa iZwi laKho ukuthi Wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo mina naye uyakuyenza." Makube njalo futhi, Jesu, ukufakazisa ukuthi Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngikucelela inkazimulo kaNkulunkulu, eGameni leNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Amen.

210 Manje, okomzuzwana nje, ngifuna ukwazi ukuthi bangaki abantu phakathi lapha abanamakhadi omkhuleko. Ngi—ngifuna niphakamise izandla zenu, ngamunye wenu onamakhadi omkhuleko. Awu, kundawo zonke, ngiqagele, nje cishe yonke indawo.

211 Angazi ukuthi ngabe bangaki abantu phakathi lapha ongenawo amakhadi omkhuleko, kepha nokho uyagula, ungaziphakamisa izandla zakho bese uthi, "Anginalo ikhadi lomkhuleko, kepha nokho ngiyagula. Ngingodingayo."

212 Ngifuna ukunicela ukuba nihloniphe ngokuzithoba umzuzwana. Manje, ngiyathanda ukukhuluma kini. Leyo njalo yinkathazo yami, ngikhuluma isikhathi eside kakhulu. Kodwa ngaphambi kokuba nize, ngi—ngingethemba nokwethemba ukuthi uNkulunkulu uzokufakazisa lokhu nengikushilo ukuthi kuyiQiniso, futhi ngidedele—ngiMdedele abone nje.

213 Manje, bangaki abahlezi khona lapho ogulayo, owaziyo ukuthi angazi neyodwa into ngawe, phakamisa izandla zakho. Bukani lokho nje. Kulungile.

214 Ngifuna nina eningenawo amakhadi omkhuleko manje. Amakhadi omkhuleko azobizwa nenyuke. Ngifuna nikhuleke.

215 IBhayibheli lasho ukuthi, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Uthi, "UngumPristi oMkhulu ohlezi lapho enza ukumela phezu kokuvuma kwethu." Sizofanele sikuvume kuqala, ngaphambi kokuba Engaba ngumPristi oMkhulu, ngoba Umela kuphela ekuvumeni kwethu. Ngabe kunjalo, bazalwane abangabefundisi na? [Abefundisi bathi, "Amen."—Umhl.] Niyabo, Umela kuphela phezu kokuvuma kwethu, esivuma ukuthi Uyikho, Asenzele khona. Hhayi lokho Ayokwenza. Usevele ukwenzile. Sizofanele sivume ukuthi Ukwenzile. "Yalinyazwa ngeziphambeko zethu, ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina."

216 Manje, uBaba waseZulwini uyazi. Futhi ngibuka phezu kwenu, ngukubona ukuthi ngiyamqonda umngane wami olungileyo waseOhio, yena nomkakhe behlezi lapha, nguMnu. Dauch nomkakhe. Futhi ngiyakholwa, ohlezi engowesibili noma engowesithathu kusuka kubo, yilowo futhi uMfundisi ohloniphekile, uMnu. Blair engimbone izolo ebusuku. Kumnyama phezu kwezethameli, kimi, ngenxa yalamalambu lapha lithi ukuba nokufiphaza kancane kimi, futhi a—anginiboni kahle hle.

217 Kodwa ngifuna nikhuleke. Futhi fakani enhliziyweni yenu into eninokuyidinga, futhi nicele umPristi wethu oMkhulu, Onokuzwelana nobuthakathaka bethu.

218 Manje, mina nginganazi, futhi ningahle nje ningithinte yonk'indawo, kufane nokuthinta umfowenu, umyeni wakho, umelusi wakho, omunye, bekungeke—bekungeke kwasiza ngalutho. Kodwa uma nithinta Yena, futhi uma ngeqiniso sisemgqeni noMoya waKhe, khona-ke Angakusebenzisa ukukholwa kwenu ukuba niMthinte, nesiphiwo sami ukukhuluma aphendule ngami.

219 Niyabo, ngingaba ngothule nje njengalokhu, lokhu ku*lapha*, ngaphandle kwephimbo likhuluma ngakho. Kuzofanele ku. . . Lokhu, lokhu kuthule ngaphandle kwento ethize lapha ukuba ikhulume ngakho. Futhi unjalo noma yimuphi umuntu, ungothule, nxa sekufika kulezizinto, ngaphandle uma uNkulunkulu ekhuluma ngabo.

220 Manje khulekani, futhi asibone uma lezizinto engizishilo iyiqiniso. UNkulunkulu akakusize kube njalo. Angisho ukuthi Uzokwenza. Ngithemba ukuthi Uzokwenza. Ngiyethemba ukuthi Uzokwenza. Akakaze angenzele phansi namanje, iminyaka nyaka, ukuvundla nasezweni jikelele, nazo zonke izinhlobo zezizwe, nezigidi zabantu. Akakaze ehluleke kimi namanje. Futhi ngiqinisekile, ngokuqiniseke impela nje njengoba ngikholwa ngimi lapha, Akazukwehluleka kimi manje.

221 Ngizonicela ukuba nje nihloniphe ngokuzithoba futhi nibe nilokhu nihlezi, okwemizuzwana embalwa nje. Sizokhipha izethameli ezinkulu futhi sikhulekele abagulayo, emzuzwaneni nje.

222 Kodwa ngifuna nina, nina eningabakholwayo, ukuthi uma nje ningezukubuka kimi, kodwa nikholwe. Nithi, "Ngiyakholwa ukuthi indoda ekushilo kungumBhalo. Angazi njengoba sikude nje phezulu ngesikhathi njengoba ithi sinjalo. Kodwa, uma kunjalo, khona-ke kuzofanele kwenzeke. Uma amaZwi ayo engamaZwi kaNkulunkulu, khona-ke, amazwi ayo azohluleka kodwa amaZwi kaNkulunkulu angeke."

223 UNkulunkulu ubophezelekile ukuba esekele iZwi laKhe. UzoLifakazisa. UzoLifakazisa. "Okholwa yiMi."

Wafakazisa ukuthi lolu wusuku lokugcina. Wakufakazisa okwakuzokwenzeka. Wafakazisa ukuthi lokhu kwakufanele kwenzeke.

224 Futhi, khumbulani, uAbrahama neqembu lakhe akabange esasemukela esinye futhi isibonakaliso esisodwa esivela kuNkulunkulu, kwaze kwafika indodana ethenjisiwe. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lesosibonakaliso sokubona okufihlakele! NeNzalo yobukhosi kaAbrahama, anginizwe . . . Ake nginitshele, ISHO KANJE INKOSI, nemukela isibonakaliso senu sokugcina. Lokho kungokwemiBhalo nesambulo sikaNkulunkulu esisenhliziyweni yami, esikhuluma ngokuthi leli yiQiniso. Futhi ngithemba ukuthi nizokukholwa ngokuthi kuyiQiniso.

225 Manje kholwani. Wonk'umuntu akakholwe nje, athi, "Nkosi Jesu, angiKuthinte. Nginesidingo enhliziyweni yami, futhi ngiyazi uMfowethu Branham akazi lutho ngami. Angiyazi ngisho nendoda, ayingazi, kodwa Wena uyazi. Futhi uma ingitshele iQiniso, lokhu kuzokwenzeka." Ngiyanicela, ninganyakazi manje, kancanyana nje. Qinisekani . . .

226 Niyabo, ungumoya. Futhi ngithatha yonke imimoya phakathi lapha ibe phansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu, ukuze iZwi laKhe ligcwaliseke.

227 Manje hloniphani ngokuzithoba nje. Khulekani. Bukani kuYe, nithi, "Nkosi, ngiyakukholwa. Siza Wena ukungakholwa kwami."

228 Asiqale. Ngifanele nginake olunye uhlobo lwengxenye yesakhiwo lapha, ngoba, niyabo, abaningi kakhulu benu, futhi ngamunye wenu ungumoya.

229 Ngingeke. Wena uthi, "Kuthiwani ngami na?" Bengingeke ngakutshela. Kuyazibusa. Yonke imisebenzi kaNkulunkulu uyazibusa. Kuzoba nabantu abaningi abaphiliswayo benqamula kulomsamo, kulobubusuku, kuzoba mhlawumbe nabaningi abangezukuphiliswa. Konke kusekuzibuseni kukaNkulunkulu. Ubani ongaMtshela ukuthi akenzeni na? Akukho namunye. Usebenza ngokwentando yaKhe uQobo, icebo laKhe uQobo.

230 Kodwa kholwani nje. Zithobeni. Ningabi novalo. Finyelelani kuNkulunkulu nje, futhi nithi, "Nkosi Nkulunkulu, ngiyakukholwa." Niyabo? "Angithinte ingubo yaKho. Nginokudinga oku*nje-na-kanje*. Ngiyazi umfowethu akangazi noma azi isidingo sami, kodwa usitshele ngalezizinto Owazenza, nokusho ukuthi Ulapha ufana namuhla."

231 Lokho akunehlusi nina bazalwane lapha emsamo, noma yimuphi wenu. Ngiyanicela nje, bazalwane bami, njengezisebenzi ezingowethu ze—zeVangeli likaKristu. Ngikhuluma kini ngobuqotho nje njengoba ngazi, njenge—ngendoda efayo nani, niyabo, ngishiya lelizwe. Sifanele sishiye. Futhi ngifanele ngizilande ngoSuku lokwaHlulelwa, ngalokho

engikushoyo. Nginokuzizwela kwalokho, ukuzizwela impela. Futhi ngiyakuthokozela wena ndoda, oyikho, umi lapha nami, ungisiza. Ngizama ukunisiza, ukwenza konke engingakwenza, ngenxa yoMbuso kaNkulunkulu.

Ngiyakhuleka futhi ngiyacela.

232 Lapha, bangaki abake babona lokho kuKhanya esithombeni na? Nisibonile isithombe saKho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Nakho Kulenga khona *lapho*. AniKuboni na?

233 Kuphezulu phezu kwalelonenekazi lihlezi lapho neduku lalo. Likhulekela othandekayo. Kunjalo, nenekazi. [Inenekazi lithi, "Kunjalo, Mfowethu Branham."—Umhl.] Lowo othandekayo . . . Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma ngiyaxolisa, inceku yaKhe na? ["Ngikholwa ngempela."] Uyakukholwa lokho na? Kulungile. Manje, uma uNkulunkulu engembula kimi okungalungile, ngani, uzokwemukela ukuthi kuvela kuNkulunkulu, njengoba nje owesifazane athinta ingubo yaKhe na? Manje, uyazi u—uqhele ngamafidi angamashumi amabili noma angamashumi amathathu kimi, noma ngaphezulu, awuzange uthinte mina. Kodwa uthinte Into ethize, owaziyo ukuthi usekuxhumaneni neNto ethize, Omunye. Okuyikho, kungokowesifazane, oyindodakazi yakho. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi izosinda na? Ingeyehlulwa yizidakamizwa ezisanganisayo. ["Kunjalo."] Kunjalo impela. ["Kunjalo, mfowethu."] Ngiyibona ibhukuda, idakiwe. Uyabo? Manje, iduku onalo esandleni sakho, ulibeke phezu kwayo, futhi ungangabazi. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyikhulula. Uzokukholwa kanye nami na? Amen. ["O! NgiyaKubonga, Jesu!"]

234 Manje, angimazi owesifazane, kodwa uNkulunkulu uyamazi. Usuyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho na?

235 Indoda ihlezi phezulu lapho igqoke ishethi elinemishwe, ineqhubu eliyisibhono, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa futhi akusindise na? Uyakholwa ukuthi Uzokwenza na? Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami. Unekhadi lomkhuleko, mnumzane na? [Indoda ithi, "Qhabo, anginalo."—Umhl.] Awunalo? Awulidingi elilodwa.

"Uma ukholwa!"

236 Lapha kuhlezi owesifazane ezama ukubuka ngale phezu kwalona wesifazane ohlezi khona lapha. Uyisihambi kimi. Kodwa unokwethuka ngempela. Angimazi. Angikaze ngimbone, empilweni yami. Kodwa uNkulunkulu uyamazi, futhi uyaqonda khona manje usekuxhumaneni neNto ethize. Kade ukhuleka lapho ngembangela ethize. Isizathu sokuthi ube njalo, ungeke wahlala isikhathi eside kunalobubusuku. Ufanele uwushiye umhlangano. Uhlongoza ukuya ekhaya lakho, kusasa. Awusuye owalapha, noma futhi awusuye owaseCalifornia. Uya

empumalanga ukusuka lapha. Uhamba ngendiza. Uyahlosa, ukuhamba ngendiza. UngowaseOklahoma. Ya. Kunjalo.

237 Futhi usesimweni sokufa. Uza lapha ukuba ukhulekelwe. Awunalo ikhadi lomkhuleko. Kodwa ukholiwe ukuthi uzophiliswa, uma kuphela ubungafinyelela lapha. Kunjalo. Futhi, isimo sakho ngumdlavuza. Umdlavuza usethanjeni. Uyakholwa ukuthi uzophiliswa manje na? Uyakholwa ukuthi usekuxhumaneni naYe, dadewethu na? Mhlampe uNkulunkulu uzongitshela ukuthi ungubani, khona-ke lokho bekungakusiza na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho uma ukukholwa lokho, ukuthi (uNkulunkulu) bekungakusiza. Kulungile, Nkk. Steel, ungabuyela eOklahoma.

Angilazi inenekazi. Angikaze ngilibone.

238 Nanti inenekazi lihlezi emuva ngqo lapha emva kwalo. Liphethwe yimithambo eqhansile. Kanti futhi linendodana ehlulwa wuphuzo, futhi liyayikhulekela. Uma lizokholwa, lingaphiliswa. Nkk. Mason, uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ukholwe ukuthi uJesu Kristu uzokupha ukuphiliswa? Uyakholwa na?

239 Kulungile, manje-ke beka isandla sakho phezu kwalelonenekazi elihlezi eceleni kwakho lapho, likhulekela umyeni walo ongasindisiwe. UNkulunkulu uzopha ukuphiliswa.

Asikhuleke.

240 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzolipha lesosibusiso. Yipha lowo wesifazane isifiso senhliziyo yakhe, Nkosi. Ukukholwa kwakhe kusondele kakhulu kuWe, kuthinte Wena. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosiza, eGameni likaJesu. Amen.

241 Manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuthi uyakwemukela. Uzokwenza lokho na? Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

242 Uyakholwa ukuthi umyeni wakho uzosindiswa, nenekazi na? Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Phakamisa isandla sakho, uyakholwa.

243 Lapho kubonakala ku, phambi kwami, owesifazane osinda ngempela. Nango ehlezi. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uyakholwa. Kulungile. Angikwazi. Okuyinkathazo yakho, yizindlala. Unesisindo eseqile. Kade ukudokotela, uthe angeke enza lutho ngaso, kodwa lowo bekungudokotela wasemhlabeni. Uyabo? Okwakho. . . Nje ube nosizi oluningininingi. Ulahlekelwe ngumyeni wakho. Awusuye owalapha. Ngempela ungowaseArkansas. Ufuna umsebenzi, kanti, futhi awuwutholi umsebenzi. Ubuwesaba ukuthi, into ethize, ubungezukubizwa. Kodwa ukukholwa kwakho manje kuthinte uNkulunkulu. Dadewethu, hamba, ukholwe.

UNkulunkulu ukunika umsebenzi omncane, ukunika isifiso senhliziyo yakho.

244 UNkulunkulu uyalifakazisa iZwi laKhe ukuthi liyiqiniso. Niyakukholwa ukuthi lokho kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje ngifuna nje nikhuleke nami futhi.

245 Baba, Nkulunkulu, UnguNkulunkulu ofanayo owafakazisa. Ngenkathi Uthi, "Intombazane ayifile, ilele," khona-ke Wadingeka ukufakazise. Manje, Wethembisa, ukuthi ngaphambi nje kokufika kwesikhathi sokuphela, ukuthi iNdodana yomuntu Iyozembula ngendlela efanayo Eyenza ngayo eSodoma. Wakwethembisa, Nkosi. Manje Ufike emhlabeni, ngesimo sikaMoya oNgcwele, futhi waba phakathi kwethu, kulobubusuku, thina bantu esikholwayo, futhi ukufakazisile. Ulifakazisile iZwi laKho njengoba Wenza ngalolosuku. Nkosi, asisabudingi obunye ubufakazi. Uphakathi kwethu. SiyaKuthanda. Futhi siyaqonda ukuthi lesi yisibonakaliso sokugcina ngaphambi nje kokuFika kwaKho, ngokwemiBhalo. Nawo onke amathunzi nezifanekiso akwehluleki neze. Zizofanele zibe ngeziyizo.

246 Ngakho siyakhuleka, Baba, njengoba abantwana baKho beza manje ukuba bakhulekelwe, ukuthi wonke umuntu uzophiliswa. Kwangathi kungebebikho muntu ogulayo oshiywa phakathi kwethu, ekupheleni kwalenkonzo yokuphiliswa. O Nkulunkulu othandekayo, Uzoluvumela ugcobo lwaKho ukuba lube ngomusa kakhulu phezu kwabantu baKho njengamanje, ukuba bonke baphiliswe na?

247 Futhi uma kuba nabanye lapha, ongesuye abantwana baKho namanje, naphezu kwezisekelo zalezizinto, e. . .Balizwile iZwi futhi bayibona into yenziwa, kwafakazisa impela nje kulo lonke uhlamvu, nokuthi UnguBani nokuthi Uyini, ukuthi Ulapha.

248 Futhi, Nkosi, Ubunga—Ubungawabusisa amanga na? Ngani, impela qha, Nkosi. Kodwa Wethembisa ukubusisa iZwi laKho, futhi Lalingezukubuya lilambatha. Lalizokufeza lokho Elalihloselwe khona. Futhi manje Ukwenzile lokho phambi kwethu, kulobubusuku, ngaleya kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza.

249 Futhi namakhanda ethu ekhotheme, ngabe bakhona abantu lapha abangakaze bakholwe ngaphambili, ongathanda ukuba nje uphakamise isandla sakho na? Nekhanda lakho likhotheme, phakamisa isandla sakho nje. Futhi ume ngezinyawo zakho, bese uthi, "Manje ngiyakholwa, ngayo yonke inhliziyo yami. Futhi ngifuna ukwemukela uJesu Kristu, khona manje." Beningakwenza lokho, noma yibaphi abantu, noma yibaphi abantu olapha, ongakamemukeli uKristu namanje, futhi obengathanda ukukwenza ngalesisikhathi na? Angizukunitshela. . .Yana ebandleni ozikhethela lona. Kodwa nginicela ukuba nemukele uJesu Kristu nisa. . .Mhlawumbe

anisoze naba seduzane kakhulu kuYe nize niMbone siqu sakhe nxa Esefika ngomzimba waKhe obonakalayo evela emaZulwini. NizoMemukela manje uma vele beningakakwenzi na?

250 Phezu kwezisekelo zokungaboni-muntu lapha emile, ngiyakholwa-ke nonke ningabasile, abantu abanengqondo, futhi nikuqonda enikwenzayo. Uma nihlezi lapho phansi kwalokhu, khumbulani, "Uma ninezinhloni ngaMi phambi komuntu, Ngiyakuba nezinhloni ngani phambi kukaBaba waMi." Bekukhona umuntu othize esukumile, mhlawumbe, yebo, ezethamelini, ngemuva.

251 Nkulunkulu othandekayo, labo bangahle, mina ngingaboni, omile, bafuna ukuKwemukela. Bayaqonda, Nkosi, ukuthi lokhu akwenziwanga kwaze kwaba yilesisikhathi, futhi manje Wena kuqinise futhi ufakazise ukuthi kunjalo. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi ezinhliziyweni zabo, abanyakaze ngokumangazayo ngalesisikhathi . . . Sazi kanjani ukuthi lona kungebe ngumuntu wokugcina ukuba angene na? Lokhu kungaba ngukuphela kweLos Angeles. Lona kungaba ngumphefumulo wokugcina ozozalwa eMbusweni. Asazi ukuthi lesozikhathi sifika nini. Futhi nxa sifika, iminyango iyovalwa, uMzimba uyopheleliswa. Akuyikuba nguMzimba oyilumbo noma uMlobokazi oyilumbo. Uyoba nje namalunga amaningi kakhulu omagama awo afakwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe, uJesu azela ukuzobathatha, njengoAdamu, uphuma ngqo ukusindisa inkosikazi yakhe. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzobemukela manje bangene eMbusweni waKho. Basezandleni zaKho. Sebenzana nabo, Nkosi, ngikhuleka eGameni likaJesu. Amen.

252 UNkulunkulu anibusise ngamunye wenu nina enimile. Bengingazi ukuthi abanye benu bebemile. Abanye bame ngemuva, abanye phezulu kuvulande osesitezi. Manje ngifuna ningenzele into eyodwa. Ngisizeni ngiqondeni. Bonani omunye umfundisi lapha futhi nikuxoxisane nabo, emva kokuba ibandla seliphumile. Nizokwenza lokho na? Ningakuyeki kwehluleke. Uma ningakaze nibhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, yenzani lokho kube okulandelayo, bese kuthike nihlale niphakamise izandla zenu nize nemukele uMoya oNgcwele.

253 Manje, futhi abantu abaningi unamakhadi omkhuleko lapha. Sizobacela ukuba bame, bese benyukela lapha, futhi ngiqagele bahambe banqamule. Noma ngizodingeka ukuba ngize . . . [Indoda ithi, "Qhabo."—Umhl.] Angizukwazi ukukwenza. ["Woza ngakulelicala ngapha."] Ngaku*leli*cala ngapha, bangeza ngalendlela, bawelele ngakulelicala, abantu onamakhadi omkhuleko.

254 Futhi manje uma ekhona noma yimuphi wenu ofanele ahambe, yi . . . Ngishiywa yisikhathi. Ngiyaxolisa. Ngizozama

ukwenza okungconywana kusasa ebusuku. E...yimizuzu eyishumi emva kweleshumi, ngewashi elikhulu elisodongeni. Ngiyabonga kakhulu ngokwethamela kwenu kulobubusuku, futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini anganibusisa. Uma ningathanda ukuhlala futhi nibhekisise umugqa womkhuleko, nemukelekile njalo. Kodwa sizoqala ukukhulekela abagulayo manje, futhi angifuni ukunibamba ngaphandle uma nifuna ukuhlala. Seniyakhishwa eGameni leNkosi uJesu. Kwangathi ukuthula kukaNkulunkulu kungahamba nani futhi kunibusise, futhi kuninike ukuphumula emizimbeni yenu, ubusuku bonke, futhi aniphe impilo enhle ukuze nikwazi ukubuya futhi kusasa ebusuku. UNkulunkulu abe nani manje.

255 Futhi akuthi labo abanamakhadi omkhuleko bamele umkhuleko manje, njengokomhlaba wonke jikelele sikhulekela abantu. Manje sifuna nazi, manje, wena omi nekhadi lomkhuleko, ngabe kukhona ukungabaza empilweni yakho na? Ngabe sikhona, ngiyaxolisa, noma yisiphi isono empilweni yakho ongakasivumi na? Uma sikhona, angikucele lokhu. Ungangeni emgqeni womkhuleko nesono esingavunyiwe enhliziyweni yakho. Isizathu, ufanele...Lesi yisinkwa sabantwana, niyabo. Futhi uma ungesuye umKristu, nikela impilo yakho kuKristu, emgqeni womkhuleko, bese uza-ke. Singesokholwayo. Nizokwenza na? MaMukeleni kuqala njengoMsindisi wenu, bese kuthi-ke nize nivundle emsamo, ukuba nikhulekelwe.

256 Manje ngizokhulekela umuntu ngamunye; hhayi nje ukubedlulisa, njengolunye uhlobo lwemisebenzi ngokulandelana kwayo. Sisebandleni manje. Ngicabanga ukuthi uDadewethu Wyatt usinike isizathu ukuthi singahlala futhi sikhuleke. [Indoda ithi, "Yebo, ubusuku bonke, ngangokufuna kwakho."—Umhl.] Singahlala ngangokufuna kwethu. Futhi ngibonga uDadewethu Wyatt nesitafu lapha, ngokusidedela senze lokho. UNkulunkulu ambusise. Umyeni wakhe oliqhawe wama kulomsamo, wakhulekela abagulayo, waze wafa, ngokwazi kwami, isosha langempela lesiphambano. Futhi manje ngizama ukuqhubeka ngenza into efanayo, busisa lababantu.

257 Futhi manje ngikhulekela ukuthi ngamunye wenu eze edlule lapha...Awudingekile ukuba uvume noma yini ofuna ukuyivuma. Awudingekile ukuba usho noma yini engalungile ngawe. Wozani nje futhi manginikhulekele, futhi nikholwe.

258 Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu ungithumele ukwenza lokhu na? Phakamisa isandla sakho. Niyakhumbula ukuthi iNgelosi yeNkosi yathini na? "Uma uthola abantu ukuba bakukholwe, ubeqotho nxa ukhuleka, akukho lutho oluyoma phambi komkhuleko." Futhi niyazi ukuthi lokho kuqinisile. Kufakazisiwe, kuphindaphinda.

259 Manje ngizocela ukuthi uDadewethu Rose, uma ethanda, ukuba adlale lelo, *Kholwa Kuphela*, noma, *INyanga Enkulu Manje Iseduze*, noma into ethize.

260 Ngifuna ngamunye wenu manje e—enhlanganyelweni nami. Nizokwenza, futhi, nina bantu ongekho emgqeni womkhuleko, nizobakhulekela lababantu na? Awu, bathembiseni lokho, ngokuphakamisa isandla sakho, "Ngizobe ngikhuleka, niyabo. Sizobe sikhuleka sonke." Kulungile. Ya.

261 Bengingathanda ukuba beningakwenza, uma nizodingeka nihambe, hambani ngokuthula ngempela manje, ukuze bengezukukhathaza sisakhuleka.

262 Uyakholwa ukuthi kuzophela manje, dade na? [Udade uthi, "Ngayo yonke inhliziyo yami."—Umhl.]

263 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadade, ngiphosela inselelo ukuhlushwa komzimba wakhe. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungasuka kuye. Amen.

Busiswa, dade.

264 Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Zonke izono zakho zivunyiwe na? Wena u, ngokwazi kwakho, usukulungele ukwemukela ukuphiliswa kwakho na?

265 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu, eGameni leNdodana yaKho, uJesu Kristu, futhi ngicela ukuthi ukuhlushwa komzimba wakhe kuzobe sekuhambile, eGameni likaJesu. Amen.

266 Zonke izono zivunyiwe, futhi usukulungele ukuphiliswa kwakho na? Uyakholwa, mfowethu na? [Umfowethu uthi, "Ngiyakholwa ngayo yonke inhliziyo yami."—Umhl.]

267 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phuzu kukamfowethu, njengoba sazi ukuthi Ukhona lapha, Nkosi. Ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

268 Zonke izono zivunyiwe na? Qhabo, awuzwa. [UMfowethu Branham ukhuluma ngokunensa nangokwehlukile ngenxa yokuba yisithulu kukadade—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uzozwa na? [Udade uthi, "Ngiyakholwa. Kodwa kade ngiyisithulu."] Uyakholwa.

Owesifazane uyisithulu manje. Sizohamba sikhuleke lapha.

269 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa udadewethu, futhi ususe lokhu ukuba yisithulu kuye. Uhlezi ezweni elivalwe-ngci, lapho engeke akwazi khona ukuzwa. Ngikhulekela ukuthi Uzomupha ukuphiliswa kwakhe, eGameni likaJesu.

270 Ngizocela abantu ukuba ulokhu ukhothamise ikhanda lakho, umzuzu. Ngifuna ukubona ukuthi kwenzekeni kuye. Manje, sizani, eGameni likaJesu Kristu, akungabi-kho noyedwa

abaphakamisa ikhanda labo noma amehlo. Manje, anifanele nenze lokho ngize nginitshele ukuba nikwenze.

271 Usuyangizwa manje na? [Uthi, "Okunye kwehlukile." UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye. "Ngiyakuzwa."—Umhl.] Uyangizwa na? ["Okunye."] Uyezwa na? Useyezwa manje. [UMfowethu Branham ushaya ihlombe kanye futhi.] Uyabo? Uyawuzwa lowomsindo na?

272 Manje uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Uzokholwa na? Futhi uyakholwa, noNkulunkulu uzokusindisa ngokupheleleyo. Ushilo. Ngivele ngakhuleka nje ngase ngibeka izandla zami ezindlebeni zakhe, futhi uthe useyakwazi ukuzwa into ethize. Kulungile, qhubeka nje manje, ukholwa ukuthi uzozwa ngokuphelele, futhi uzozwa.

273 Ngabe zonke izono zivunyiwe, dade na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Usukulungele ukuphiliswa kwakho na? ["Yebo."]

274 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu, ngazi ukuthi phakathi kithi akukho-nto enhle, phakathi kithi uqobo. Kodwa siyazi ukuthi singamaKristu, sizelwe nguMoya kaNkulunkulu. Futhi sibeka izandla phezu kukadadewethu futhi sicelela ukuphiliswa kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

275 Manje uyakholwa ukuthi uzophiliswa na? [Udade uthi, "Kahle!"—Umhl.] Kulungile, manje u—usuphilisiwe. ["Yebo!"] Yileyondlela yokukwenza. Lokho kunjalo. Kunjalo.

276 Zonke izono zivunyiwe na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Futhi usukulungele ukuphiliswa kwakho na? ["Yebo."] Uyakholwa, ngokubekwa izandla, ukuthi uNkulunkulu Owazi izinhliziyo zabantu, uzokusindisa na? ["Ngiyakholwa."]

277 Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa udadewethu, njengoba sibeka izandla zethu phezu kwakhe futhi sicela eGameni likaJesu Kristu ukuthi Uzomsindisa. Amen.

278 Sawubona? Kusobala, uyazi ngiyazi ukuthi yini engalungile kuwe. ["Udade uthi, "Ya."—Umhl.] Kodwa angikusho nje; ngoba, uyazi, kuzo—kuzolokhu nje kuqhubeka kuqhubeka. ["Kulungile."] Kodwa uma uzo . . . Ngabe zonke izono zivunyiwe na? ["Yebo, mnumzane."] Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? ["Yebo, mnumzane."] Uyakholwa ukuthi isifo samathambo . . . Sengivele ngikushilo.

279 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomsiza futhi umsindise. Siphe khona, eGameni likaJesu.

Awuzukukhubazeka. Hamba, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

280 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Zonke izono zivunyiwe futhi

usukulungele ukuphiliswa kwakho na? Uyakholwa ukuthi iqolo lakho lizolunga na?

281 Baba waseZulwini othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa futhi umsindise. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kungaba njalo. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dade. Hamba, ukholwa manje.

282 Ngabe zonke izono zivunyiwe, dade, usukulungele ukuphiliswa kwakho na?

283 Nkulunkulu othandekayo, izono zakhe, uthi, sivunyiwe. Ngibeka izandla zami phezu kwalona wesifazane, eGameni likaJesu Kristu, ngicelela ukuphiliswa kwakhe. Amen.

284 Zonke izono zivunyiwe na? Ufanele ube kahle, ugula kakhulu, uyakwazi lokho. Uyazi ukuthi ngiyazi ukuthi yini engalungile kuwe. Futhi uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, aphilise inhliziyo yakho futhi akusindise ngokuphelele na?

285 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzomphilisa futhi umsindise. Kwangathi lokhu kungasuka kuye, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise manje. Ungangabazi. Hamba, ukholwa.

286 Izono zonke zivunyiwe na? Usukulungele ukuphiliswa na?

287 Baba waseZulwini othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa. Amen.

Ungangabazi. Hamba, ukholwa.

288 Zonke izono zivunyiwe, usukulungele ukuphiliswa na?

289 Baba waseZulwini othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa umfowethu, uzomsindisa. Siphe khona, Baba. Ngibeka izandla zami phezu kwakhe, ngalenhloso, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise. Ngikukholwa ngayo yonke inhliziyo yami.

290 Usuyakholwa manje, dade na? Zonke izono zivunyiwe futhi usukulungele ukuphiliswa na?

291 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadade, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphiliswa ngokwenkazimulo yaKho. Amen.

292 Manje izikhathi eziningi nje kanjalo, ukuthinta nje, njengoba uJesu wathi, "Lezizibonakaliso zobalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo." Sengiqale ukuqaphela, emihlanganweni, ukuthi kwenzeka ngamapesente angamashumi amahlanu kangcono kunoma kwenza uma ubizela abantu emgqeni, ube nokubona

okufihlakele, ngoba ufinyelela nje kwabambalwa. Futhi, ngalendlela, kunabaningi abanye futhi othola ukuphiliswa.

293 Usuzivume zonke izono zakho zokungakholwa nayo yonke into na? Usuyakholwa manje ukuthi uzophiliswa na? [Udade uthi, "Yebo, futhi sengikhululiwe."—Umhl.]

294 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa udadewethu njengoba ngibamba izandla zakhe futhi ngicela eGameni likaJesu Kristu ngokuphiliswa kwakhe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dade.

295 Usuyakholwa manje na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Zonke izono zivunyiwe na? ["Yebo."]

296 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dade.

Kubonakala sengathi kuyinto encane kakhulu, kodwa nguNkulunkulu Owakwethembisa.

297 Izono zivunyiwe na?

298 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzophilisa lona udadewethu. Njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe eGameni likaJesu Kristu, kwangathi angahamba futhi asinde. Amen.

299 Izono zivunyiwe na?

300 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzophilisa udadewethu, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

301 Manje njengoba niza nezihambisi-mshini, kwangathi ungashaya amandla okuhambisa, kuzohamba kuyosebenza.

302 IZono zivunyiwe na? [Udade useyaphendula-ke—Umhl.] Usulungele.

303 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa futhi umsindise, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dade.

304 Zonke izono zivunyiwe na? [Udade uthi, "Yonk'into."—Umhl.]

305 Nkulunkulu othandekayo, njengoba lona wesifazane engibuka esweni, ngiyakukholwa lokho. Ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa, eGameni likaJesu.

306 Uletha yena nje, unjalo, dade na? Uletha yena nje? Kulungile. [Udade uthi, "Uyimpumputhe, futhi."—Umhl.] Uyakholwa, dade, ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? [Udade oyimpumputhe uthi, "Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu anganginika ukubona futhi."] UNkulunkulu akubusise.

307 Baba waseZulwini, Uhlala njalo unesihawu ezimpumputheni, nakwabadingayo. Manje bakubonile Okwenzile kulobubusuku. Ngakho siyakholwa, Nkosi, lesisibonakaliso esikhulu sokugcina sihamba phakathi kwethu manje. Ngicelela ukubona kwalona wesifazane oyimpumputhe ukuba kuze kuye, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

308 [Yena obeyimpumputhe, uthi, "NgiyaKubonga, Jesu."—Umhl.] Manje, bika kithi manje. Kubike. ["Ngizokubika!"]

309 [Yena olethe udade oyimpumputhe, ucela umkhuleko—Umhl.] O, yebo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa na? ["Haleluya!"]

310 Baba waseZulwini othandekayo ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu futhi ngicela ukuthi Umphilise, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

311 UNkulunkulu akubusise, dade. Asizwe ukuthi u—uzizwa unjani.

312 Uyakholwa, dade na? [Udade uthi, "Yebo, ngiyakholwa."—Umhl.]

313 O Baba waseZulwini oThandekayo, ngikhulekela udadewethu, ngithemba ukuthi Uzomphilisa manje. Ngibeka izandla zami phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu.

Manje kholwa. Kunjalo. Hamba nje, ukholwa.

314 Uyakholwa, mfowethu na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.] Zonke izono zivunyiwe na?

315 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzomphilisa umfowethu futhi umsindise, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

316 Uyakholwa, dade na?

317 O Nkulunkulu, ngikhulekela lokho, eGameni likaJesu Kristu, ngokuzithoba, ngobumnandi nobubele balelihora, kwangathi uMoya oNgcwele ungenza lona wesifazane aphiliswe. [Udade uthi, "Futhi ngiyakhuleka, khulekela indodana yami. Sekuyiminyaka engamashumi amabili ngingakaze ngiyibone."—Umhl.] Ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzothumela indodana yakho kuwe, dade, othandekayo. UNkulunkulu akubusise.

318 Baba othandekayo, ngikhulekela udadewethu lapha. Ngobumnandi bukaMoya oNgcwele, kwangathi Angafika manje futhi aphilise udadewethu, eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, dade.

319 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela umfowethu, njengoba ema lapha futhi ngibeka izandla phezu kwakhe, futhi ngicelela ukuphiliswa kwakhe, eGameni likaJesu.

320 Busiswa, mfowethu. [Umfowethu uthi, "UNkulunkulu akubusise."] Kulungile.

Umfanyana na?

321 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla phezu komncinyane, ngiyambusisa eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.

322 Usuyakholwa manje, dade na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uyafuna ukukhulekelwa nawe na?

323 Nkulunkulu othandekayo, ngiyamkhulekela, njengoba ngibeka izandla phezu kwakhe. Manje, lokhu ngukuthuma kwaKho, yilokho Owathi akwenziwe, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda." Wakusho, Nkosi. Amen.

Manje, Wakusho lokho, Akakushongo na? Kuzofanele kube ngaleyondlela, dade.

324 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzophilisa udadewethu futhi umsindise, eGameni likaJesu Kristu. Amen. UNkulunkulu akubusise, dade.

325 Uze ukholwa, dade na?

326 Baba waseZulwini othandekayo, ngicela izibusiso zaKho phezu kukadadewethu, nje silalela lokho Owathi akwenziwe. Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo," Wathi, "bayakusinda."

327 Ngingake ngime lapha umzuzwana nje, ukuba ngisho kulokhu, ukuba nje ngidedele abantu baphumule umzuzwana, okomzuzwana nje. Umgxeki wake wathi, kimi, lokho akunjalo. Kodwa, uyabo, Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakulandela."

328 Niwuzwile uMlayezo wami ngokuthi *ICala,* kubekwa uJesu ecaleni. Niyabo, Watshela uNowa, "Lalizokuna." Alizange line iminyaka eyikhulu namashumi amabili, kodwa lana noma kanjani. Watshela uAbrahama wayezoba nendodana ngoSara. Kwakuyiminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva. Akazange asho ukuthi nini. Wathi babezoba nendodana. Iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu kamuva, kwenzeka. Niyabo, Akashongo ukuthi nini.

329 Wathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. UNkulunkulu uyakubavusa. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Ngabe yilokho Akusho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Akashongo ukuthi bayogxuma baye phezulu futhi bakwenze ngayo leyonkathi. Wathi, "Bayakusinda." Niyabo, leso yisithembiso saKhe. Yilokho esikukholwayo.

330 Woza, dade. Uyakukholwa lokho kuyiqiniso na? [Udade uthi, "Yebo, ngiyakukholwa."—Umhl.] Khona-ke akukho-ndlela yokukuvimba ekubeni uphiliswe.

331 Ngibeka izandla zami phezu kukadade, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe. Amen.

332 Uyakholwa, dade na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Zonke izono zivunyiwe, futhi usulungele na?

333 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadade, ekulaleleni umyalelo waKho, futhi ngicelela ukuphiliswa kwakhe, eGameni likaJesu. Amen.

334 Ngifuna wena okhulekelwayo, ngifuna ungenzele usizo. Ngifuna ubike, ngaphambi kokuba lemihlangano iphele, ukuthi kwenzekani; futhi makuthi nje izethameli, abany'abantu, babone ngempela ukuthi kwenzekani. Mhlawumbe kusasa, ngosuku olulandelayo, noma nini, nibhekisise nje ukuthi kwenzekani.

335 Iposi lami likhombise ukuthi ku—kwehluke kakhulu impela kunokuba nje ubadedele bazame, kuhlolwe ukukholwa kwabo. Ngoba, uJesu wathi, "Babeka izandla phezu kwabo. Babeka izandla phezu kwabo, bayakusinda." Manje tholani lokho Akusho. Akashongo ukuthi bayogxuma baye phezulu futhi bagijime behla benyuka nephansi. Babeyokwenza lokho. Kodwa Wathi, "Bayakusinda." Ngabe yilokho Akusho na? Yilokho Akusho. Yilokho engikukholwayo. Futhi Ulapha manje, Lo owathi iZwi lilapha ukukwenza kube njalo.

336 Uyakholwa, mnumzane na? [Umfowethu uthi, "Amen."—Umhl.]

337 Baba waseZulwini othandekayo, phezu kokuvuma kokukholwa kwakhe nokukholwa, ngibeka izandla zami phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.

338 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kwalona wesifazane, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe. Kulungile.

339 Baba othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kwalona wesifazane, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe. Wena wathi, "Bayakusinda."

340 Usukulungele ukuphiliswa, dade na?

341 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kwakhe, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi Uzomphilisa.

342 Kulungile, dade, othandekayo, yonke into isilungele ukuphiliswa na? Ukukholwa kwakho manje sekuhlanganwe nakho, uyakholwa ukuthi uzosinda na?

343 Futhi, Nkulunkulu, ngibeka izandla zami phezu kwakhe, ngokulalela umyalelo waKho, "Ezweni lonke, konke okudaliweyo." Ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu, ngokuphiliswa kwakhe.

344 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu komfowethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.

345 Nkulunkulu othandekayo, ngibeka izandla zami phezu kukadadewethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphiliswa kwakhe.

346 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kwehla njalo ngesikhala sezihlalo. Bengingafuni nje ukunikhandla. Nizoba kahle uma nizokukholwa lokho manje.

347 Nkulunkulu othandekayo, ngikhulekela ukuthi Uzophilisa udadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

348 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ukungisiza ngikhulekele lababantu.

349 Manje sinamanye amaduku lapha, nokunye nokunye, phakathi lapha, ukuba kukhulekelwe phezu kwawo. Futhi ngifuna niqhubeke ukuba nikhuleke kanye nami manje, manje, lamaphasela amancane, manje. Ngiyazi lokhu kuzwakala kuxake kakhulu kubantu ukukhulekela phezu kwento encane njengale. Kodwa uma kuphela beningangena eofisi lami, kanye, futhi nje nibhekisise. Uma besigcine izimfakazo yonke leminyaka, ngiyethemba beningezinqwabele kulomsamo, ophilisiwe ngokuthumela nje lezizindwangu zomkhuleko onje, izigidi zabo, izwe jikelele jikelele. Manje, niyazi ukuthi kuyini—kuyini na?

350 Umuntu othize akathathe leloduku lapho lalowo—lowo omusha . . . Uzolazi iduku lakho, uzolazi, mfowethu na? Kulungile.

351 Futhi ngibone abancane, abantwana abakhubazekile bephiliswa. Futhi niyabo, okuyikho, kuyiphuzu lokuxhumana nje, njengoba Oral Roberts wayevame ukusho. Kuyiphuzu lokuxhumana nje. Siyakhuleka. Manje, asikwenzi lokhu qobo lwethu, senza lokhu ngoba iBhayibheli lisithuma ukuba senze lokhu. Sonke siyazi ukuthi lokho kuqinisile.

352 Manje, kunabantu abaningi abagcoba amaduku, nokunye nokunye. Awu, manje, sicabanga ukuthi konke kulungile, impela, kodwa uma nje si . . . IBhayibheli alishongo ukuthi ba "gcoba" amaduku.

353 "Kodwa bathatha emzimbeni kaPawulu amaduku." Manje niyabona ukuthi bengikhuluma ngani na? Manje, abakubonile, lawomandla aphilisayo ayekuPawulu, ababazi ukuthi wayeyinceku kaNkulunkulu. Babazi ukuthi uNkulunkulu wayekuye. Babazi ukuthi yonk'into ayeyithinta yayibusisiwe. Bangaki okuqondayo lokho na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

354 Niyazi, ngicabanga ukuthi uPawulu wayengokomBhalo ngempela kulokho akwenzile. Anicabangi kanjalo na? Niyafuna nginitshele lapho engicabanga khona ukuthi wathola umqondo wokukwenza na? [Omunye uthi, "KuElisha."—Umhl.] KuElisha, kunjalo. Niyabo, uElija wathi, "Thatha loludondolo bese

uhamba ulubeke phezu kwengane." Nomprofethi wathumela udondolo ngoba wayazi ukuthi yonk'into ayeyithinta yayibusisiwe. Wayeyazi indawo yakhe eyiyonayona. U . . . uma nje wayengathola owesifazane ukuba akholwe into efanayo.

355 Manje niyabo, manje, iBhayibheli alizange ngisho lithi, "Bayakukhulekela abagulayo." Lathi, "Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo."

356 Manje cabangani nje, abantu babonile, kumphostoli uPetru, uBukhona bukaNkulunkulu bubonakaliswa kulendoda, ngangokuthi ba—baze babeka ngisho abantu esithunzini sakhe, futhi baphiliswa. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kungokomBhalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Lokho kungumBhalo nje kakhulu njengoJohane 3:16. Niyabo, Konke yiZwi likaNkulunkulu. Manje, abantu, niyazi isithunzi saleyondoda asibaphilisanga abantu.

357 Kodwa, bukani, uma amandla kaNkulunkulu ayephezu kwalowomprofethi, iminyaka neminyaka emva kokuba esefile, ngangokuthi indoda efile yaphoswa phezu komzimba wakhe, amathambo akhe. Umzimba wawungasekho ngisho nalapho; amathambo lalilapho. NoBukhona bukaNkulunkulu babuphezu kwalawomathambo, kwaze kwathi leyondoda efile iyaphila.

358 Manje anazi yini ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo owenza zonke lezozinto ukhona lapha kulobubusuku na? Ki—kimi, ngicabanga ukuthi sifanele ukuba ngabantu abajabule kakhulu kunabo bonke ezweni lonke. Ukucabanga ngalokhu nje.

359 Ngi—ngithemba ukuthi angizihlabanga umxhwele izethameli zami ukuba zikholwe ukuthi kuyinto ethize engizenzela mina. Na—nazi kangcono kunalokho. Mina, ngingumfowenu, niyabo, futhi nje ngingumfowenu.

360 Kodwa ngiyazi, ngiyakwazi lokhu, ukuthi uNkulunkulu ulapha. Futhi ngiyazi ukuthi Unikeze into ethize kithi, esingenakuyichaza, kuphela ngeZwi likaNkulunkulu, lisho ukuthi kufanele kube lapha ngalesisikhathi. Ngakho, kusinika futhi inkomba ukwazi ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina. Kusinika inkomba ukwazi ukuthi lababantu, lo okhethiwe, oqokiwe, obizelwe ngaphandle, omiselwe ngaphambili . . .

361 Manje, lelo yigama elikhulu, *misela ngaphambili*, kodwa sonke siyazi ukuthi yiqiniso. Sazi ngokoqobo ukuthi uNkulunkulu ongenasiphelo wazimisela ngaphambili zonke izinto ngokwaziphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngisho neWundlu lahlatshwa; nawo onke amagama ayeyoke abe seNcwadini, afakwa eNcwadini ngaphambi kokuba iNcwadi yake yaze yalotshwa. Manje bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

362 NoJesu wafikela uku—ukuhlenga labo ababeseNcwadini. EBhayibhelini, iWundlu lafika livela emva kwekhethini, lase liyithatha iNcwadi lase livula iziMpawu eYayivalwe ngophawu,

ngokuba Lafikela ukubiza bonke Elalibahlengile. LinguMmeleli manje, uMmeleli enza ukumelela labo Elibahlengile. Wonke ogama lakhe lalotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, uyahlengwa.

363 Njengoba ngenza inkulumombiko encane enobuluhlaza ngobunye ubusuku...Ngilinde i...onke lamaduku lapha. Angizami khona nje ukuphinda ngishumayele futhi, kodwa ngithi kwakukhona inkulumombiko encane...Ngithemba ukuthi lokhu akuzwakali kungokuthuka okungcwele, niyabo. Kodwa njengomlimi owabeka isikhukhukazi, futhi wayengenawo amaqanda enele, ngakho wathola iqanda lokhozi, wayeselibeka phansi kwesikhukhukazi sasesichamsela ukhozi. Futhi lwalungumfo oyinqaba kabi phakathi kwazo zonke izinkukhu, ngoba zazingaziboni izinto ngokufanayo. Kodwa yilokho kuphela olwake lwakubona, kwakuyisikhukhukazi. Lwezwa kuphela iphimbo elilodwa, lalingezwakali njengephimbo lwalo. Kanjalo lwalungakwazi ukwenza iphimbo njengesikhukhukazi noma izinkukhu. Lwalungakuthokozeli ukudla kwazo okukhethekile, lapho zidla egcekeni lenqolobane. Kwakukhona into ethize ehlukile ngalo, nokho lwalungazi ukuthi umehluko wawuyini.

364 Kwase kuthi-ke ngoluny'usuku, kwakukhona umama khozi owayazi ukuthi wayechamsele amaqanda angaka. Futhi kwakukhona elilodwa lalawomaqanda, elalizoba yindodana yalo, lalilahlekile. Ngakho lwahamba ukuluzingela, futhi lwaluthola egcekeni lenqolobane. Futhi lwadazuluka. Futhi ngenkathi ludazuluka, ukhozi oluncane lwalazi iphimbo likamama. Njengoba uJesu athi, "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi."

365 Ngicabanga ukuthi, izolo ebusuku, ngenkathi ngibone leloqembu labantu bamaBaptisti bokusakaza izindaba, iPresbyterian, nabanye, bangahle ukuba babekade bekhishwe phansi kwesikhukhukazi. Ngiyaxolisa, mfowethu, uyabo. Kodwa uMama wayazi ukuthi Wayekade enezithandwa zaKhe phandle lapho ndawondawo. Ngakho lawomadoda emi lapho, engaphikisani nokondliwa ayekuthole kumama sikhukhukazi, nokunye nokunye, kodwa manje ayizinkozi, niyabo, andizela ukudla kwawo. Niyabo?

366 Futhi ngicabanga ukuthi ibandla liyinto enjengenkundla engiyibone kungekudala, ngiza ngehla ngivela eTucson, noma e—ePhoenix, ngiya eTucson. Ngabona okubonakala kuyimfihlakalo. Futhi kwathi akwephule inhliziyo yami, ukubona okwakukade kwenzekile, kanjani...uklebe, owawuvame ukundiza emoyeni, umfowabo wokhozi, okungumfanekiso webandla.

367 NoJehova uwuKhozi. Wabiza abaprofethi baKhe nge "zinkozi." Wazibiza Yena uqobo, uJehova, ngo "Khozi."

368 Kodwa loklebe kade walahlekelwa yinkomba yawo, ngoba awusashwizi emoyeni futhi uzingele inyama yawo njengoba ufanele. Kodwa uhlala ezingcingweni zikathelefoni futhi uziphathisa okomthuthambi. U—uzingela onogwaja abafile obulawe yizimoto, futhi wona namanqe kuphumela lapho futhi kudle ndawonye. Ugcogcoma njengenqe, esikhundleni sokuhamba njengoba ufanele uhambe. Ulahlekelwe yinkomba yawo.

369 Futhi ngikusho lokhu ngalolonke uthando lokumesaba uNkulunkulu nenhlonipho, ibandla kade lalahlekelwa yinkomba yalo njengodade khozi. Lihlala lizungeza. Esikhundleni sokumba eZwini futhi lithole ukuthi ngabe lezizinto ziqinisile yini, lilinda isigejane sencwadi efundwayo kaSonto sikole eyenziwe yisigejane sezihlakaniphi ndawondawo, unogwaja othize ofile obulawe kwenye indawo. Ligcogcoma njengenqe! Nkulunkulu sisize ukuba sindize sisuke kulokho.

370 Lezizithembiso ziqinisile. Hhayi lokho okwashiwo ngumuntu othize ngaSo, kodwa lokho uNkulunkulu akusho ngazo! Ziqinisile. Ngijabula kakhulu ukumataniswa nezinkozi.

Asikhuleke ndawonye senzele abagulayo bethu.

371 Baba waseZulwini othandekayo, kuyafundiswa eBhayibhelini ukuthi bathathe emzimbeni kaPawulu, amaduku nezindwangu, namademoni aphuma kubantu, nemimoya engcolileyo yasuka kubo. Manje, Baba, mina ngimi lapha phezu kwalamaduku, limele wonke umuntu okhona. NguMzimba kaKristu, thina sindawonye. Sizisho ukuthi, ngomusa nothando, ukuthi silapha ukumela uMlobokazi waKhe, futhi sikholwa, sizimatanisa naYe eMbusweni waKhe. Futhi siyazi asisuye uPawulu oNgcwele, kodwa siyazi Usenguye uJesu.

372 Futhi sikhulekela ukuthi Uzohlonipha ukukholwa kwalababantu. Uma babephile emuva ngezinsuku zikaPawulu, babeyozwa leliVangeli elifanayo, babone lezizinto ezifanayo. Ngakho-ke, baluhlobo olufanayo lwabantu. Wena unguNkulunkulu ofanayo. Ngakho ngiyakhuleka, Nkulunkulu oThandekayo, ukuthi Uzohlonipha ukukholwa kwabo, njengoba Wenza kulabo ngezinsuku zeBhayibheli. Futhi kwangathi onke amandla amademoni, konke ukugula, konke ukuhlupheka, okubophe abantu ukuthi lamaduku namaphasela lapha abameleyo, kwangathi lawomandla amabi okugula angasuka kubo.

373 Kwashiwo, ngesinye isikhathi, ukuthi uIsrayeli wayehamba emgqeni womsebenzi awumiselwe, eya ezweni elithenjisiwe. Futhi esemgqeni ngqo womsebenzi awumiselwe, isitha siyafika futhi sabaficezela ekhoneni, noLwandle oluBomvu lwabanqamula emgqeni womsebenzi abawumiselwe, nasekumasheni kwabo. NoNkulunkulu wabuka phansi

esemazulwini, ngeNsika yoMlilo, nolwandle lwesaba. Lwagoqeka lwahlehlisa amagagasi alo, ngoba amagagasi kaNkulunkulu lalisezinzulwini zolwandle. Futhi Yenza indlela yabantwana baKhe, behamba emgqeni wokulalela.

374 Manje, Nkulunkulu, uma uLwandle oluBomvu lwesaba, futhi lugoqeka luhlehlisa amagagasi alo, lugoqa luhlehlisa amanzi alo amaningi, futhi lunikeza indawo kubantwana abahamba uhambo bemasha ngokulalela; Nkulunkulu oThandekayo, kulobubusuku, buka phansi ngeGazi leNdodana yaKho, uJesu, Owenza isithembiso. Futhi nxa lamaduku ebekwa phezu kwemizimba yabantu abagulayo, kwangathi amehlo kaNkulunkulu angabuka, futhi kwangathi lokho kugula, lowodeveli, esabe futhi adede. Futhi kwangathi abantu bangagcina uhambo oluya eZweni elithenjisiwe, benempilo enhle nokuqina. NjengoIsrayeli wamasha wadabula ehlane, kwakungekho noyedwa umuntu obuthakathaka phakathi kwabo, ngakolunye uhlangothi. Kwangathi kungaphiwa lababantu, Baba, ngokuba sithumela lamaduku, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

375 UNkulukulu anibusise, ngamunye. Njengoba nithola amaduku enu manje, niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu. Niyakholwa kuthi uNkulukulu uyakuzwa lokhu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Mina, ngifuna ukusho lokhu. Ninga, ningangabazi, nakancu. Niyabo, kungahle kubonakale kuxake ngempela. Uxolo, umzuzu nje. Ningangabazi, nakancu. Kodwa kholwani manje ukuthi, esikucelile, uNkulunkulu uyakunikeza.

376 Niyakholwa ukuthi lowo nguNkulunkulu lapha, wazi imfihlo yenhliziyo yakho na? Niyazi futhi niyakholwa ukuthi lowo nguNkulunkulu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje zikisani umqondo wenu manje, kungebe lutho olunye. Niyabo?

377 Manje, ukuba-ke bekuzoba yikusasa elikhulu, kude le iminyaka eyedlula lona kuzoba ngumlando. Futhi nxa abantu, eminyakeni ezayo, ukuba bekuzoba njalo, bebeyoza bese bethi, "Awu, ukuba ngangikade ngiphila ngaleyonkathi, ngangiyokubona lokho kwenziwa, mfana, yilokho kuphela ebengiyodingeka ngikwazi. Ngangiyokukholwa ngayo leyonkathi!" Niyabo, into efanayo oyikholwayo, ukuba wawukade usemuva lapho ngenkathi Ekwenzile ngaleyonkathi! Khumbulani, kusenguYe. NgukuPhila kwaKhe kini. UNkulunkulu anibusise.

*Ukuvivinya iZwi laKhe* ZUL65-0426
(Proving His Word)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMsombuluko kusihlwa, ngoApreli 26, ngo 1965, wenzelwa ingqungquthela yeFull Gospel Business Men's Fellowship International eEmbassy Hotel eLos Angeles, eCalifornia, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2013 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

